

# UPHAWU LWESI THUPHA



Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

<sup>2</sup> Nkosi, siyabuthana futhi phakathi senzela inkonzo. Futhi sicabanga ngesikhathi, ngezinsuku zasekuqaleni, ngenkathi bonke bekhuphukela eShiloh ngezibusiso zeNkosi. Futhi manje, kulobubusuku, sibuthene lapha ukuzwa iZwi laKho. Futhi njengoba kade sifundisisa kulengxenye ethize yomBhalo, ukuthi iWundlu laliyiLo kuphela elalingavula iziMpawu, noma ukuZiqaqqa. Futhi siyakhuleka ukuthi kulobubusuku, njengoba siphansi kokunaka loluPhawu lwesiThupha olukhulu, siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi iWundlu lizoLuvula kithi kulobubusuku. Ukuthi, silapha ukuLuqonda. Futhi lapho kungekho-muntu emhlabeni, noma eZulwini, owayenele, yiWundlu kuphela elafunyanwa lifanele. Ngakho kwangathi Onele konke angeza futhi asivulele uPhawu kulobubusuku, ukuze nje sikwazi ukubuka sedlule ikhethini lesikhathi. Kungasisiza, siyakholwa, Baba; lolu olukhulu, olumnyama, usuku olunesono esiphila kulo; uzosisiza futhi usinike isibindi. Siyethemba manje ukuthi sifumana umusa ebusweni baKho. Siyazinikela, neZwi, kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>3</sup> Sanibona kusihlwa, bangani. Kuyinhlanhla ukuba lapha futhi kulobubusuku, ukuba senkonzweni yeNkosi. Ngithe nje ukuba leyithi kancanyana. Ngiye nje e...ngokuphuthuma, kwendoda efayo, yelunga lalelibandla; unina unjalo, noma uza lapha. Futhi bathe umfana uyafa ngayo leyonkathi. Ngakho nge—ngehla ukuzobona nje i—isithunzi sendoda ilele embhedeni, ifa, indoda ethi ayibe nguntanga yethu. Futhi ngomzuzwana nje wesikhathi, ngibone indoda isukuma ngezinyawo zayo, inika iNkosi udumo. Futhi ngakho, uNkulunkulu, uma sizovuma ukuvuma izono zethu futhi senze lokho okulungileyo, sicele isihawu, siMbize, uNkulunkulu uyavuma futhi ulindele ukusipha khona.

<sup>4</sup> Futhi, manje, ngiyazi kufudumele phakathi lapha kulobubusuku. Futhi—futhi ku...Qhabo, ngiqagele ukushisa ngakho konke sekuvaliwe. Futhi—futhi si... .

<sup>5</sup> Ngqiqaphelile izolo ebusuku, noma namhlanje, lolu sekuwusuku lwami lwesikhombisa ekamelweni lingenakukhanya, izibani zikagesi nje, niyabo; ngifundisisa, futhi ngikhulekela ukuba uNkulunkulu avule leziziMpawu.

<sup>6</sup> Futhi kubenabaningi kakhulu obhalile, kuleloqembu lababuzi la-... noma imibuzo izolo ebusuku, beku, cishe, hhayi kakhulu njengemibuzo. Bekufuna ukuba nenkonzo yokuphilisa, noma kanjani; wayefuna ukuhlala usuku olwengeziwe,

ukuba ne...ukuba nenkonzo yokuphilisa ngoMsombuluko. Ngakho ngi—ngi—ngingakwenza, bengingakwenza, empeleni bengingakwenza ukuba lokho bekuyi—yintando yabantu ukuthi bebeyokwenza lokho. Ningakucabangisisa futhi ningazise, kodwa uma nje nifuna ukuhlala futhi nikhulekele abagulayo.

<sup>7</sup> Ngoba, ngikhombe sonke lesisikhathi, ngokuphelele, kuleziziMpawu, futhi ngavele nje ngaziqhelisa mina uqobo ngenzela iziMpawu.

<sup>8</sup> Ngakho ningakucabangisisa, futhi nikukhulekele, bese ningazisa-ke. Futhi ngizokwenza, uma iNkosi ithanda, ngingakwenza. Usuku lwami olulandelayo engilukhombile luseAlbuquerque, eNew Mexico, nalokho kuzoba yi—yizinsuku ezimbalwa nokho. Futhi ngifanele ngiye ekhaya ngelinye ibhizinisi, ekwenzeni enye ingqungquthela esilungele eArizona. Futhi ngakho, manje-ke, uma kuba yintando yeNkosi! Kukhulekeleni, futhi ngizokwenza okufanayo, manje-ke sizokwazi kakhulu ngakho kamuvanyana.

<sup>9</sup> Futhi nje ngiyembula. Manje ngiyabona...Uyahamba uyokhuluma ngokugula, nakho kufika, niyabo. Ngibona lelinenekazi lihlezi khona lapha. Uma into ethize ingalिसizi, alizukuhlala lapha kodwa kancanyana. Ngakho, manje-ke, niyabo, si—sikhulekela ukuthi nje uNkulunkulu uzokwenza. Yilokho enikukhonele lapha, nisuka kude le. Ngakho, niyabo, u—uMoya oNgcwele wazi yonke nje into, niyabo. Ngakho U... .

<sup>10</sup> Kodwa, niyabo, ngizamile ukukhomba lesisikhathi saleziziMpawu, ngoba sikubekele lokho, niyabo. Kodwa uma kukhona i... .

<sup>11</sup> Bangaki abagulayo olapha, empeleni, ozela ukuzokhulekelwa na? Asibone izandla zenu, macala onke, ndawo zonke. O, he! Mm! Awu, bangaki obengacabanga ukuthi lokho kungalunga, intando yeNkosi, ukuhlala nokuba nalokhu, sithathe ubusuku bangoMsombuluko, sikhulekele abagulayo nje, sibe nenkonzo yokuphilisa yangoMsombuluko ebusuku na? Ningathanda ukwenza lokho na? Beningakwenza na? Awu, iNkosi ithanda, sizokwenza-ke. Niyabo? Sizozizoba nenkonzo yomkhuleko wabagulayo, ngoLwesithathu, noma ngeSonto ebusuku, noma...ngoMsombuluko ebusuku, nokukhulekela abagulayo.

<sup>12</sup> Manje, ngithemba ukuthi lokho akuliphazamisi leloqembu engibuyela emuva nalo, ngibuyela eArizona. UMfowethu Norman, ngabe ulapha nomaphi na? Ngabe lokho kuphazamisa uhlelo lwakho, Mfowethu Norman, noma yini? [UMfowethu Gene Norman uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Mfowethu Fred nani nonke, kulungile lokho na? [Abanye bathi, “Kulungile.”] Niyabo? Lokho ku okeyi. Kulungile.

<sup>13</sup> Manje-ke, iNkosi ithanda, ngoMsombuluko ebusuku sikhulekela abagulayo, ubusuku obubodwa nje obubekelwe

eceleni kwalokho, ngakho konke, sikhulekela abagulayo nje. Manje, ngeke kusaba okweziMpawu. Uma iNkosi izovula nje leziziMpawu, bese-ke sikhulekela abagulayo, ngoMsombuluko ebusuku.

14 Manje, o, kade ngikujabulela ngempela lokhu, ngokukhulu kakhulu, kokukhonza iNkosi phansi kwaLezi! Nilujabulele Lolu, ukuvulwa kweziMpawu na? [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.]

15 Manje, manje sikhuluma oPhawini lwesiHlanu noma... uPhawu lwesiThupha, njalo. Nalokho kwehlisa manje e—evesini 12 lesahluko 6, kwehlele kwele 17. Ngolunye lweziMpawu ezinde. Lokho yizinto ezininganyana impela ezenzeka lapha. Futhi manje i...

16 Ngixoxa ngokubuyekeza okuncane izolo ebusuku, uhlobo lokuthi ukwesekela kancane, njalo nje.

17 Futhi, ake nisho, ngi—ngifuna ukusho into ethize, futhi. Ngithole, kulelobhokisi, ezine noma ezinhlanu izinto ezisemqoka ngempela kimi. Ngitshelwe ukuthi... Futhi ngifuna ukuxolisa ngempela. Ngabe amathe yipu avuliwe? Iteyipu ivuliwe? Ngifuna ukuxolisa kubazalwane bami abangabefundisi nakini bantu lapha. Bathi, ngobunye ubusuku ngenkathi ngikhuluma ngo—ngoElija, ngalelohora langenkathi babe... Wayecabanga ukuthi wayenguye kuphela owayezoba soHlwithweni, noma enguye kuphela owayezosindiswa. Ngathi—ngathi amakhulu ayisikhombisa esikhundleni sezinkulungwane eziyisikhombisa. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Awu, ngixolisa ngempela ngalokho, bafo. Nga—nga—ngangazi kangcono kunalokho. Kwaba ngukuvungazela nje kalula kwenkulumo, ngoba ngangazi ukuthi kwakuyizinkulungwane eziyisikhombisa. Angikushongo nje kahle. Ngi... Futhi ngi—ngiyani bonga. Nalokho kusho ukuthi... ngiyajabula ukuthi nikuqaphele engikushoyo. Futhi niyabo, manje-ke, lokho yi... Isizathu, khona, yi—yizinkulungwane eziyisikhombisa.

18 Nginamanothi amabili noma amathathu ngakho, elathi, “Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi waphaphalaza.” Lathi, “Babengesizo yini izinkulungwane eziyisikhombisa esikhundleni samakhulu ayisikhombisa na?”

19 Ngacabanga, “Impela angishongo ukuthi amakhulu ayisikhombisa.” Niyabo? Lokho, ngase-ke ngi... Billy...

20 Kwase kuthi-ke mina, into yokuqala niyazi, ngacosha elinye inothi. Lathi, “Mfowethu Branham, wawu... ngikholwa ukuthi wathi amakhulu ayisikhombisa.”

21 Nomunye umuntu wathi, “Mfowethu Branham, ngabe lowo kwaku—kungumbono kamoya ukuthi—ukuthi kuzoba nomfanekiso nje, futhi ukufanekisa nesikhombisa...?” Kubeka abantu ebunzimeni uma usuhamba ukuyocabanga ngalezizinto, niyabo. Futhi kwenele, ukuthi, kubeka mina ebunzimeni.

22 Kukhona into eyenzeke namhlanje ngenkathi loluPhawu lwembulwa, ukuthi ngidingeke ukuba ngihambe ngiphume ngiphele egcekeni, ngihambahamba nje, phandle egcekeni isikhashanyana. Kunjalo. Kuthe nje akucishe impela kungikhiphe umphefumulo ngaso lesosikhathi. Niyabo? Ngakho nikhuluma, ukushaqeka? O, he! Niyabo?

23 Enye into, niyabo, nibamba ngqo lokho engikushoyo. NoNkulunkulu uzongethwe umthwalo ngalokho enginitshela khona. Niyabo? Futhi ngakho ngi—ngifanele ngokoqobo ngiqiniseke ngempela ngempela ngakho konke ukuqiniseka, niyabo, ngalezizinto, ngoba lesi yisi—isikhathi esikhulu kakhulu esiphila kuso. Ya.

24 Bengicabanga ngenkonzo yokuphilisa yangoMsombuluko ebusuku. Lokho kungashayisana nawe, Mfowethu Neville nomaphi na? [UMfowethu Neville uthi, “Akukho-nto. Ngizobakhona lapha.”—Umhl.] Lokho kuhle.

25 Mfowethu Neville othandeka kakhulu! Ngiyakutshela, bavele nje—bavele nje benza eyodwa, ngiyacabanga, base-ke belahlekelwa yiphethini. Kuyi... Impela ubengu—ngushomi wangempela nomngani kimi, ngiyakutshela.

26 Itabernakele manje selakhiwe, futhi linamakamelo kaSonto sikole nayo yonke into isimi ngomumo, ngohlelo lapha. Nabanye benu bantu okhona ngapha, ngaseJeffersonville, ofuna ukuza ebandleni, ninendawo enhle, nendawo yokuza, amakamelo kaSonto sikole.

27 Uthisha okahle, noMfowethu Neville lapha, weklasi labadala, nomelusi wangempela. Angikusho lokho ukuba kube yiphunga elimnandi kuye, kodwa ngingaqoka ukumupha imbali encane manje kunesixha sezimbali emva kokuba asashona. NoMfowethu—Mfowethu Neville, sengimaze kusukela ngisengumfana nje. Manje, akakashintshi nakancu. Usenguye uOrman Neville, njengoba wayehlala enjalo nje.

28 Ngiyakhumbula ngivakasha. Wayenomusa ngisho owenele ukungicela ukuba ngibe sepulpiti lakhe ngenkathi wayesengumshumayeli wamaMethodisti ezansi lapha edolobheni. Futhi sasinenhlangano yebandla elihle ezansi lapho eClarksville, i...ngiqagele lelo libizwa ngeHoward Park, ibandla iHarrison Avenue Methodisti. Ngicabanga ukuthi yilapho okufanele ukuthi wakuthola khona wena, ezansi lapho, Dadewethu Neville. Ezansi lapho, ngoba owesifazane wayeyi mem-...

29 Ngiyabuya enhla, ngase ngithi ebandleni lapha, ngathi, “Leyo kwakuyi...Lowo ngomunye wendoda enomoya omuhle ukwedlula onke! Futhi ngolunye lwalezizinsuku ngizombhaphathiza eGameni leNkosi uJesu.” Kwenzeka.

30 Nangu. Futhi manje usengushomi wami, ngokuhambisana eceleni kwami ngqo. Futhi ehlonipeke kangaka, indoda

ehloniphekayo! Ubehlala njalo ema eduze kwami nje njenge...ame nje ngokukhulu ukusondela angakwenza. Noma yini engiyishoyo, uvele nje ayibambe kanye nami ngqo futhi abambelele kuyo ngqo. Ngisho namhla eqala ukungena, wayengawuqondi uMlayezo ngaleyonkathi, kodwa waWukholwa futhi wahlala naWo ngqo. Lokho ngukwazisa, lokho yizinhlonipho, kumfowethu onjalo. Akukho engingakusho okwenele ngaye. Futhi manje iNkosi imbusise. Kulungile.

<sup>31</sup> Manje ukubona into encane ingakabonwa uwonkewonke yayizolo kusihlwa, ekwepfulweni koPhawu lwesiHlanu. Asizokubuyela le emuva kulobubusuku, sibuyele emuva kude ngokwenele nje ukuthola u—uPhawu lwesiHlanu.

<sup>32</sup> Manje, sithola ukuthi kwakukhona umphikukristu owayegibele, futhi wazithandela, emandleni amathathu. Onke aya emandleni awodwa, futhi agibela ihhashi elimpofu, “Ukufa,” ayongena kwalasha, ayongena ekulahlweni, lapho evela khona. Bese-ke sithola ukuthi ngenkathi i . . .

<sup>33</sup> UmBhalo uthi, “Uma isitha singena njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaNkulunkulu usimisela ibhanela.” Futhi sikubone kuqinisekiswa ngokuphelele eZwini izolo ebusuku, ngokuba kwakukhona iziDalwa ezine e—ezaphendula i—izikhathi ezine lomgibeli azigibelayo.

<sup>34</sup> Futhi wagibela ihhashi elehlukile isikhathi ngasinye, ihhashi elimhlophe, kwase-ke kuba ihhashi elibomvu, nehhashi elimnyama, bese-ke kuba ihhashi elimpofu. Futhi sathola ukuthi, leyomibala, nokuthi yayiyini nokuthi yenzani. Bese-ke kubuyiselwa emuva ngqo eminyakeni yamabandla, futhi yilokho impela okukwenzile, ngokuphelele nje.

<sup>35</sup> Ngakho-ke, niyabo, uma iZwi likaNkulunkulu lihlngana thaqa ndawonye, lokho kusho ukuthi Liqinisile, niyabo. Ya. Ngiyakholwa, noma yini ehukana neZwi likaNkulunkulu ihlala njalo ingu “amen.” Niyabo?

<sup>36</sup> Manje, njengomuntu wathi babenombono, futhi wathi kwakuyiwo. O, bayazi iNkosi iyawunikeza, ngoba ufika ngamandla amakhulu. Awu, umbono ungahle ube kahle. Kodwa uma ungekanye neZwi, futhi uphambene neZwi, awuqinisile. Niyabo?

<sup>37</sup> Manje, manje bangahle babekhona, abanye abazalwane bakaMormon noma udade. Futhi kungahle kube nabanye abathola lamateyipu, manje. Futhi angifuni ukusho lokho . . . Abanye babantu abahle kunabobonke mina nani esifuna ukubonana nabo, bangaba—bakubantu bakaMormon; uhlobo olukahle impela lwabantu. Bese-ke kuba umprofethi wabo—wabo, uJoseph Smith, owabulawa ngabantu beMethodisti lapha eIllinois, ohambweni lwabo ngaleya. Futhi ngakho manje-ke leyo—leyondoda ekahle, nombono, angingabazi nhlobo kodwa wayenombono. Ngikholwa ukuthi wayeyindoda eqotho. Kodwa

umbono ayenawo wawuphambene nomBhalo. Niyabo? Ngakho-ke, babefanele babe neBhayibheli iMormon, uku—ukukwenza. Niyabo?

<sup>38</sup> YiLo *leli* lapha, kimi. Yilo leli. Yingalesosizathu, iZwi nje. YiLo lelo. Niyabo?

<sup>39</sup> Ngesinye isikhathi, u—u—umfundisi wafika lapha evela kwelinye izwe, futhi u...Futhi ngimbone phandle ne—ne...egibele ejikeleza ngemoto, nalokho okunge...ne—nenenekazi. Futhi beza emhlanganweni. Ngase ngithola, babeshayele izinsuku ezimbili noma ezintathu, yena nje nalo, emhlanganweni, ukuba beze emhlanganweni, ndawonye. Nowesifazane wayekade eshadile, izikhathi ezintathu noma ezine ezehlukene.

<sup>40</sup> Nalomfundisi wenyukela emhumeni ohlanganisa amanye amakamelo ehhotela lapho engangikhona, wayesegijimela ngale wayesengixhawula. Ngase ngimxhawula, ngavuka futhi ngangikhuluma naye. Ngambuza, ngathi, “Uma usukhululekile, ngingakhuluma nawe ekamelweni lami umzuzwana nje na?”

Wathi, “Impela, Mfowethu Branham.”

<sup>41</sup> Ngamyisa ekamelweni. Ngase ngithi kumfundisi, ngathi, “Mfundisi ohloniphekile, mnumzane, uyisihambi kulelizwe.” Ngathi, “Kodwa lelinenekazi linegama ngempela.” Ngathi, “Ngabe...Futhi wena uvela le endaweni *ethize-thize*, kuya ezansi kulendawo *ethize-thize* na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

<sup>42</sup> Ngase ngithi, “Awesabi yini ukuthi lokho kuzothi uku... angikungabazi, kodwa awucabangi ukuthi lokho kuzokwakha isithombe odumweni lwakho njengomfundisi na? Awucabangi ukuthi sifanele ukubeka isibonelo esingcono esincane kunalokho na?”

Wayesethi, “O, lelinenekazi lingongcwele.”

<sup>43</sup> Ngathi, “A—angikungabazi lokho.” Kodwa ngathi, “Kodwa, mfowethu, into yakho ingukuthi, wonke umuntu olibukayo akasuye ongcwele, uyabo, obuka okwenzayo.” Ngase ngithi, “Ngikholwa ukuthi ufanele uqaphele. Lowo nje ngumfowethu oyedwa komunye.” Wayesethi... Ngathi, “Inenekazi selishade izikhathi ezine noma ezinhlanu manje.”

Wayesethi, “Yebo, ngiyakwazi lokho.” Wathi, “Uyazi, ngi—ngi...”

<sup>44</sup> Ngathi, “Awukufundisi lokho ebandleni lakho ekhaya, uyakufundisa, okwalokho na?”

<sup>45</sup> Ngakho wathi, “Qhabo. Kodwa,” wathi, “uyazi, ngaba nombono wakho, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Awu, lokho kuhle.” Ngathi... .

46 Wathi, “Kuyakukhathaza na?” Wathi, “Ngikholwa ukuthi bengingakuqondisa kancanyana ekufundiseni kwakho ngalokho.”

47 Ngase ngithi, “Kulungile.” Futhi u...ngathi, “Ngi—ngi—ngingajabula ukukwazi, mnumzane.”

48 Wayesethi, “Awu,” wathi, “uyazi, kulombono,” wathi, “ngangilele.”

Ngase ngithi, “Ya.” Ngibonile, ngaleyonkathi, kwakuyiphupho. Niyabo?

49 Wayesethi, “Umkami—mi,” wathi, “wayekade ehlala nenye indoda,” wayesethi, “futhi ehamba engizungeza.” Wayesethi, “Useza kimi-ke, wayesethi kimi, ‘O, s’thandwa, ngithethelele, ngithethelele!’ Wathi, ‘Ngi—ngi—ngi—ngiyaxolisa ukuthi ngakwenza. Ngizothembeka kusukela manje kuqhubeke.’” Wathi, “Kusobala, ngangimthanda kakhulu impela, ngiyamthethelela nje, wathi, ‘Kulungile.’” Wayesethi, “Manje-ke...”

50 Wayesethi, “Uyazi ukuthini? Ngase ngithola incazo yalombono.” Wathi, “Kwakuyilowo wesifazane.” Wathi, “Impela, kade eshadile, na—nakanjalonjalo, futhi zonke lezizikhathi.” Wayesesho, ukuthi, “Kulungile kuye ukuba ashade, ngoba iNkosi yayimthanda kakhulu impela. Angashada kaningi ngangokufuna kwakhe, inqobo nje uma...”

51 Ngathi, “Umbono wakho wawumnandi kakhulu, kodwa wawuqhele kakhulu eMendweni oyindlela lapha.” Ngathi, “Lokho ku—lokho kuyiphutha, uyabo. Ubungafanele wenze lokho.” Ngakho lokho...Niyabo?

52 Kodwa uma ubona umBhalo, uhlangana okwesisila sejuba nomBhalo, uwenza ube ngokuqhubeka njalonjalo lapho ihlangana ndawonye. ImiBhalo, lapho Lona uchezuka khona lapha, Lona omunye ngapha uyafika futhi uhlangane phakathi okwesisila sejuba, bese udweba ukhiphe sonke isithombe.

53 Njengokuhlanganisa amagama adidanayo, njengawo. Uthola uphisi ongena wenele. Ayikho enye into engenela kulo. Khona-ke uthola isithombe silungisiwe.

54 Futhi Munye kuphela ongenza lokho, lelo yiWundlu, futhi ngakho sibheke kuLo.

55 Kodwa sithola ukuthi ngenkathi laba, lomgibeli, wayengumgibeli oyedwa owagibela lamahashi. Sase simjaha-ke wehla njalo, sakubona akwenzile nayo yonke into, futhi sathola, emuva eminyakeni yebandla yilokho impela akwenza.

56 Manje-ke ngenkathi ephuma egibele isilo esithize futhi wenze into ethize, sithola ukuthi kwaba khona oyedwa owathunywa ukulwa nalokho akwenzayo.

<sup>57</sup> Kwabakhona oyedwa owathunyelelwa unyaka wokuqala, wewundlu...wengonyama. Lelo kwakuyiZwi, kusobala, uKristu.

<sup>58</sup> Olandelayo kwakuyinkabi, ngesikhathi sonyaka wobumnyama, ngenkathi—ngenkathi i—ibandla lalihlelile futhi lalemukele imibhedesho esikhundleni seZwi.

<sup>59</sup> Futhi khumbulani, yonke into isekeleke ezintweni ezimbili: eyodwa, umphikukristu; enye, ekaKristu.

<sup>60</sup> Kuseyinto efanayo namhlanje. Awekho amaKristu anguhhafu. Ayikho indoda engadakiwe-idakiwe; azikho izinyoni ezimhlophe-zimnyama; qhabo, qhabo; abekho abangwele beyizoni. Qhabo. Kuphakathi kokuthi uyisoni noma ongwele. Niyabo? Akukho nje ukuba phakathi nendawo. Kuphakathi kokuthi uzelwe ngokusha noma awuzelwe ngokusha. Kuphakathi kokuthi ugqwaliswe ngoMoya oNgcwele noma awugqwalisiwe ngoMoya oNgcwele. Akunandaba ukuthi ubunamadlingozi amaningi kangakanani, uma ungasawaliswe ngoMoya oNgcwele, awugqwalisiwe ngoMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi uma ubugqwaliswe ngoMoya oNgcwele, awugqwalisiwe ngoMoya oNgcwele. Niyabo? Akukho-muntu ozotshela noma ubani ngakho. Bayakubona, niyabo, ngoba UluPhawu.

<sup>61</sup> Manje, futhi sithola lezozilo, ukuthi zagibela kanjani isikhathi ngasinye. Esinye sathunywa sisenkonzweni yaso, emandleni ezombusazwe, sihlanganisa amandla ezenkolo na—namandla ezombusazwe, ndawonye. Siyathola, uNkulunkulu wathumela amandla aKhe ukulwa nawo. Sibuyela emuva ngqo futhi sibone ukuthi unyaka webandla wawuyini, futhi sabuka emuva; futhi kwakulapho, ngaleyondlela impela nje.

<sup>62</sup> Manje-ke siyathola, omunye unyaka uyafika, nesitha sathumela umphikukristu ephansi kwegama lenkolo, ephansi kweGama likaKristu, ephansi kwegama leBandla. Yebo, mnumzane. Saphuma siphansi kwegama leBandla, ngisho. “Lelo kwakuyiBandla langempela,” sasho. Niyabo?

Umpfikukristu akusiyo iRashiya. Umpfikukristu akusikho lokho.

<sup>63</sup> Umpfikukristu usondele kakhulu njengobuKristu bangempela, kuze kuthi, iBhayibheli lathi, “Kuyolutha yonke into eyayingamiselwanga ngaphambili.” Kunjalo. IBhayibheli lashi ukuthi, “Ngezinsuku zokugcina, yonke into eyayingamiselwe ngaphambili, abaKhethwa.” Lithi, “AbaKhethwa!” Manje, noma ubani, thatha lelogama bese ulihlehlisa emphethweni wekhasi lakho, uyabona ukuthi lichaza ukuthini. Lithi, “Abakethiweyo, abamiselwe ngaphambili.” Niyabo? “Kuyolutha bonke labo abamagama abo ayengekho eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe.”



<sup>64</sup> Ngenkathi iWundlu lihlathswa, amagama abekwa eNcwadini. Limi eNdaweni eNgcwele kulobubusuku, eNkazimulweni, njengoMelayo, enza izinxuselo kulowo nalowo waleyomiphefumulo ogama lawo likuleyoNcwadi. Futhi akukho-muntu owazi lelogama kodwa yiLo. YiLo elineNcwadi esandleni saLo, futhi Liyazi. Nxa lowo wokugcina engena, khona-ke izinsuku zaLo zokumelela selwedlule. Liyaphuma-ke ukubiza Elibanxusele. Lenza umsebenzi woMhlengi oyisiHlobo somndeni manje; futhi liyaphuma ukwemukela abaLo uQobo. O, he!

<sup>65</sup> Lokho bekufanele kubeke wonke umKristu ukuba—ukuba azihlole yena uqobo, futhi ephakamise izandla zakhe phambi kukaNkulunkulu, futhi ethi, “Ngihlanze, O Nkosi! Buka empilweni yami, bese—bese ungivumela—ungivumela ngibone lapho ingxenye yami embi ikhona. Mangiyikhiphe endleleni, ngokukhulu ukushesha.” “Ngokuba uma olungile esindiswa kalukhuni, uyakubonakalaphi oyisoni nongamesabi uNkulunkulu na?” Yisikhathi sokuhlolisisa.

<sup>66</sup> Futhi uma ubungakubeka, futhi ufuna uku... bese unika leliZwi. (Manje, angifuni ukukwenza, ukungibuza umbuzo ngalokhu, ngoba kungithatha kuyongithi ngqu komunye; ngiqonde ukusho njalo, ekubhaleni imibuzo yenu. Ngicabanga ukuthi imibuzo isivele ingenile, empeleni.) Lesi yisikhathi sokwahlulela kokuhlola. Kunjalo. Manje, sizokuthola lokho e—emaCilongweni uma sesifika kulokho, noma nini uma iNkosi ihlinzeka, noma iZitsha, futhi sizothola kulokho kwahlulela okuhlolayo, ngenkathi ngaphambi nje kokuphuma koMaye. Futhi—futhi siyabona ukuthi lokho kuyiqiniso. NeziNgelosi ezintathu ezashaya umhlaba, zimemeza, niyazi, “Maye! Maye! Maye kwabakhileyo emhlabeni!”

Futhi siphila esikhathini esesabisayo, isikhathi esi...

<sup>67</sup> Niyabo, lezizinto esesikuzo manje, esizifundisisayo khona manje, kusemva kokuba iBandla selivele lihambile, niyabo, lezizinto ngesikhathi sokuHlupheka. Futhi ngicabanga ukuthi kufanele kuzinze ngokweqiniso enhliziyweni yalo lonke ikholwa, ukuthi leliBandla alisithathi neze isikhathi sokuHlupheka. Ungeke wabeka, akukho-ndawo, iBandla ekuHluphekeni. Ngi... Ubeka ibandla lapho, kodwa hhayi uMlobokazi. Niyabo, uMlobokazi usehambile.

<sup>68</sup> Isizathu, niyabo, Yena, Akanaso nesisodwa isono, akukho lutho okumelene naYe. Umusa kaNkulunkulu uMsibekele. Nesisusamabala iblishi sisuse sonke isono sasiyisa kude le, akukho ngisho nokuthi kuyoke kube khona ukukhunjulwa kwaso; akukho'nto kodwa ubumsulwa, ukuphelela, eBukhoneni bukaNkulunkulu. O, kufanele kwenze uMlobokazi aguqe ngamadolo aKhe bese ememeza kakhulu kuNkulunkulu!

<sup>69</sup> Ngicabanga ngendaba encane; uma ngingathathi esiningi kakhulu sesikhathi senu manje, kulokhu kokwandulelisa. Ngi...Nge—ngenza lokhu ngenhloso, ukuzwa, ngize ngizwe uMoya kahle nje, ukuba ngiqale.

<sup>70</sup> Lena yi—lena yinto engcwele. Niyabo? Yiyo, niyabo, ubani owazi lezozinto lapho na? Akukho—muntu kodwa uNkulunkulu. Futhi azifanele ukwembulwa, futhi zifakaziswe eBhayibhelini ukuthi aziyukwambulwa, kuze kube yilolusuku. Kunjalo impela. Niyabo? Zazi—zaziqagelwa; kodwa manje sifanele sithole impela, iQiniso, iQiniso eliqinisekisiwe. Niyabo? Qaphelani.

<sup>71</sup> Manje, kwakukhona i—intombazanyana entshonalanga, ukuthi yayikwenze kanjani—yayithandane no...Owesilisa wayethandane nayo. Njengomthengi wezinkomo, uphumela lapho weNkampani iArmour. Futhi—futhi babene—nenkulu...

<sup>72</sup> Ubasi uyafika ngoluny'usuku, indodana kabasi waseChicago, futhi, kusobala, bagqoka lezo ezejwayelekile, emaphethelweni asentshonalanga. A—amantombazane lapho, ahloba; ngayinye yayizothola lomfana, impela, niyazi, ngoba lowo kwakungumfana wendoda enkulu. Ngakho, agqoka ngokwasemaphethelweni asentshonalanga.

<sup>73</sup> Futhi—futhi ayakwenza lokho phandle entshonalanga. Basanda kuqeda nje esinye salezoziqephu zomdlalo. Futhi uMfowethu Maguire, ngicabanga ukuthi ukhona manje, bambamba ezansi nedolobha engazigqokile izingubo zakhe zasentshonalanga, base bemphosa e—ejele. Base bemfaka enkantolo yasehlathini, base bemenza ukuba ahlawule ngakho, base bemenza ukuba ahambe ayothenga izimpahla zokugqoka zasentshonalanga. Futhi ngibabonile bonke abanye babo behamba bejikeleza nezibhamu ezinde kangako, zilenga kubo. Baphuma nje bengabomdabu nje lapho. Bazama ukuphila entweni ethize ezinsukwini ezisemuva ezedlula, kudala. Niyabo?

<sup>74</sup> Bese kuthi-ke, eKentucky, nizama ukuphila ezinsukwini zakudala zasempumalanga lapha, kusesemuva eRenfro Valley nezinto. Niyathanda ukubuyela ezinsukwini zakudala. Kunento ethize ebangela lokho.

<sup>75</sup> Kodwa uma sekubuya, ukuba nibuyele eVangelini kwelasekuqaleni, anifuni ukwenza lokho. Nifuna into eyisimodeni, niyabo. Kukhombisa lokho, niyabo, ni—ni... kune...

<sup>76</sup> Futhi yini eyenza o—owesilisa enze okungalungile na? Yini emenza aphuze futhi aqhubeke, noma owesifazane enze okungalungile na? Yingoba uzama uku...Kunokuthize kuye, okomayo. Kunokuthize kuye owesilisa, okomayo. Futhi bazama ukuqeda lokho koma okungcwele ngezinto zezwe. Kanti, uNkulunkulu ubefanele abe yileso siqedakoma. Wakwenza ngaleyondlela, ukuba wome. Yingalesosizathu womela into ethize. UNkulunkulu wakwenza ngaleyondlela,

ukuze uphendulele lokho koma okungcwele kuYe. Uyabo? Kodwa uma uzama ukuqeda lokho koma... Angalokotha kanjani noma ubani enze lokho na! Awunalungelo lokwenza lokho, ukuzama ukuqeda lokho koma okungcwele ukuthi womela into ethize, futhi, manje-ke, bese ukuphendulela ezweni, uzame ukukwenelisa ngezwe. Ungeke wakwenza. Yinye kuphela into eyogcwalisa lokho, nalowo nguNkulunkulu. Futhi Wakwenza ngaleiyondlela.

<sup>77</sup> Ngakho, le—lezizintombi zagqoka e—ezejwayelekile eziqhubekayo zasentshonalanga zenzela lomfana uma e—ephuma. Futhi ngayinye yazo yayiqinisekile ukuthi ayezomthola lomfana.

<sup>78</sup> Kwakunomzala omncane lapho eplazini lezinkomo, futhi wayeyintandane, futhi ngakho wayenze nje wonke u—umsebenzi walawa. Isizathu, ayefanele alungise izinzapho zawo, niyazi, futhi ayengenakuzigeza izitsha ngenxa yezandla nezinto. Futhi wenze wonke umsebenzi ol'khuni ngempela.

<sup>79</sup> Kwase kuthi-ke, ekugcineni, ngenkathi umfana efika, baphuma base bemngenisisa ngesitayela esidala sasentshonalanga, nenqola yamahhashi. Base bengena, bedubula ngezibhamu zabo futhi beqhubeka, niyazi, futhi bengaziphathi kahle. Futhi ngalobobusuku babenomdanso omkhulukazi phandle lapho, ngo—ngomdanso oyifeshini endala, nabo bonke abamaplazi ezinkomo bezungezile, cishe, futhi bengena nokudansa kwabo, kanjalonjalo. Futhi, into yokuqala niyazi, ngani, lokhu kwaqhubeka, kwakuyijubili izinsuku ezimbili noma ezintathu.

<sup>80</sup> Manje-ke, ngobunye ubusuku, lomfana waphuma, kwaze... endaweni, ukuba nje athi ukuphumula isikhashana emdansweni, wayesesuka kulamantombazane. Futhi kwenzeka wabuka, ehla ebheke ngasesibayeni semfuyo. Nakho kuhamba intombazanyana, ethe ukubukeka imanikiniki. Futhi yayinendishi yezitsha igwele amanzi, yayigeza izitsha. Futhi wacabanga, “Angikaze ngiyibone ngaphambilini. Ngiyamangala ukuthi ivelaphi?” Ngakho wavele nje wakubeka endleleni yakhe ukuba agege ngase—senkopololo, bese ehlela lapho bese ebuya, eceleni kwesibaya semfuyo, wayesebonana nayo.

<sup>81</sup> Yayingafake s'cathulo. Yama. Yagobisa ikhanda layo. Yayibonile ukuthi kwakungubani, futhi yayinamahloni kakhulu. Yayimazi lomuntu omkhulu. Futhi yayingumzala nje kulawa amany'amantombazane. Uyise wawo wayeyimfolomane kulezizimpahla ezinkulu zokugqoka zakwa Armour, ngakho babelokhu... Yayilokhu ibheka phansi. Yayinamahloni okungafaki s'cathulo.

<sup>82</sup> Wathi, “Ubani igama lakho?” Yamtshela. Wathi, “Kungani ungekho phandle lapho e... lapho bonke abanye ekhona na?” Futhi yathi ukwenza izaba.

83 Futhi ngakho, ngobusuku obulandelayo, waphinda wayibheka. Ekugcineni. . . Wayehlezi phandle lapho. Futhi onke aqhubeka, yonke into. U—uhlala phezu kothango lwesibaya semfuyo wayeseyibheka ukuba ifike, ichithe amanzi ezitsha. Wayeseyibheka. Wayesethi kuyo, wathi, “Uyayazi inhloso yami yangempela yokuba lapha na?”

Yathi, “Qhabo, mnumzane, angiyazi.”

84 Wathi, “Inhloso yami yokuba lapha ngukufunisa inkosikazi.” Wathi, “Ngithola isimilo kuwe angenaso wona.” Bengicabanga ngeBandla, niyabo. Wathi, “Ungashada nami na?”

Yathi, “Mina? Mina? A—angikwazi ukucabanga ngento enjengaleyo, mina.”

85 Niyabo, leyo yindodana kabasi omkhulu. Yayiphethe zonke izinkampani namaplazi ezinkomo izwe lonke, nayo yonke into, niyabo. Wathi, wathi, “Yebo.” Wathi, “A—angitholanga neyodwa eChicago. Ngi—ngifuna inkosikazi yangempela. Ngifuna inkosikazi enesimilo. Nento engiyifunayo, ngiyibona kuwe.” Wathi, “Ungashada nami na?”

Yathi, “Awu. . .” Kwayethusa. Yase ithi, “Yebo.”

86 Wayesethi, “Awu. . .” Wayitshela ukuthi wayezobuya. Wathi, “Manje, zilungisele nje, futhi unyaka kusukela namhlanje ngizobuya. Awu. . . Futhi ngizokulanda, futhi ngizokususa lapha. Awuzukudingeka ukuba ube usasebenza kanje. Ngizokuthatha. Futhi ngizoya eChicago, futhi ngizokwakhela ikhaya elinjengongakaze ulibone.”

87 Yathi, “Anginalo, angikaze—angikaze ngibe nekhaya. Ngiyintandane,” yasho.

88 Wathi, “Ngizokwakhela ikhaya, elangempela.” Wathi, “Ngizobuya.”

89 Wayelokhu eyibeke emkhondweni, ngesikhathi, unyaka. Yasebenza yonke into eyayingayenza, ukonga imali eyenele ngedola layo ngosuku, kumbe noma ngabe yayinani ngepulangwe layo, ukuba ithenge ingubo yayo yomshado. Umfanekiso ophелеle weBandla! Niyabo? Niyabo? Yalungisa izingubo zayo.

90 Futhi, niyazi, ngenkathi iyiveza obala lengubo yomshado, omzala bayo—bayo bathi, “Ngani, wena sihlupheki, nganyana eyisithutha. Uqonde ukucabanga ukuthi indoda enjalo ikhona into ebingazihlanganisa ngayo nawe?”

91 Yathi, “Kodwa ungethembisile.” Amen. Yathi, “Wethembisile.” Yathi, “Ngiyalikhohwa izwi lakhe.”

92 “O, wayekwenza isilima nje.” Bathi, “Ukuba ubethole umuntu, ubeyothola omunye wawo.”

93 “Yebo,” yathi, “kodwa wangethembisa. Ngikubhekile.” Amen. Ngikubhekile, nami.

94 Ngakho, kwakulokhu kuya ngokuba leyithi kakhulu kuya ngokuba leyithi kakhulu. Usuku ekugcineni lwafika, ihora elithize wayezoba lapho, ngakho yagqoka ingubo yayo. Futhi yayingakaze izwe ngisho kuye. Kodwa yayazi ukuthi wayezoba lapho, ngakho yahloba ngezingubo zayo zomshado, yalungiselela izinto.

95 Awu, ase-ke eyihleka ngempela. Isizathu, ubasi omkhulu wayethumele enhla e—emfolomaneni, noma—noma e . . . Akukho nayinye yamantombazane eyayizwe lutho ngakho, ngakho nje konke kwakuyinto eyimfihlakalo kuwo. Lokho kunjalo, futhi. Impela kunjalo.

96 Kodwa lentombazane, nje ebusweni bakho konke okwakho, phezu kwezisekelo zezwi lakhe ukuthi wayezobuyela yona.

97 Ngakho, aze ahleka. Futhi agaxana, enye enye futhi edansa ngakuyo. Athi, “Ha!” Ehleka, niyazi, kunjalo, athi, “Sihlupheki, encane, inganyana eyisithutha!”

98 Yavele yama lapho nje, kungekho ngisho nokuncinyane ukukhophoza kuyo. Yayiphethe amaflawa ayo. Nengubo yayo yomshado ilungisiwe yonke; yayikade izabalazile, niyazi. “UMlobokazi waKhe uZilungisele.” Niyabo? Yayilokhu iphethe amaflawa ayo, ilindile.

99 Athi, “Manje, ngikutshelile ukuthi bekuyiphutha. Uyabo, akezi.”

Yathi, “Ngiseneminye futhi imizuzu emihlanu.” Yathi, “Uzoba lapha.”

O, ahleka nje!

100 Futhi nje sekuthi akube yisikhathi sokushaya kwewashi elidala elikhulu lenyukela emizuzwini emihlanu, ezwa amahhashi ehlobha, isihlabathi sigingqika phansi kwamasondo. Inqola endala yamahhashi yama.

101 Yagxuma isuka phakathi kwawo, yasho yaphuma ngomnyango. Wayesegxuma ephuma ekalishini, yayisiwela ezingalweni zakhe. Wathi, “Sekuphelile konke manje, s’tlandwa.” Yashiya amahlelo angokhazini wayo amadadlana ehlezi lapho, ebuka. Ya—yaya eChicago, ekhaya layo.

102 Ngazi ngesinye isithembiso esikhulu esinjalo, futhi, namanje. “Ngiye ukunilungiselela indawo; ngibuyela ukunemukela.” Bangahle ukuba bathi siyahlangana. Kodwa, mfowethu, kimi, khona manje, naleziziMpawu zephuka kanje, phansi kwalento engaphezu kwemvelo, sengathi cishe impela ngiyawuzwa umsindo, njengoba lelowashi elikhulu lesikhathi lishayela ukuyongena le ePhakadeni lapho. Sengicishe impela ngiyibone leyoNgelosi imi lapho futhi isho, ekugcineni kwalowoMlayezo wengelosi yesikhombisa, “Akusayikubakho

isikhathi.” Lowo omncane, uMlobokazi othembekile uyosuka andizele ezingalweni zikaJesu ngolunye lwalezizinsuku, ayiswe eNdlini kaBaba. Asicabange ngalezizinto njengoba sihambisana manje.

<sup>103</sup> Qaphelani inkonzo yengonyama, iZwi; inkabi, ukukhandleka nomhlatshelo; ukuhlakanipha kobuqili, kwabaguquli; nonyaka wo—wokhozi, ungena, ozokwembula futhi ucoshe lezizinto futhi uzikhombise.

<sup>104</sup> Manje siyathola, enkonzweni yasebusukwini bayizolo, futhi, imfihlakalo enkulu yembulwa naloluPhawu, okwakuphambene uqobo ekuqondeni kwami kwangaphambili. Ngizicabangela nje ukuthi kwakuqinisile, ngangihlala njalo ngivumela leyomiphefumulo ephansi kwe altare ukuthi ingabafelukhola abangamaKristu angasekuqaleni. Kodwa sitholile, izolo ebusuku, ngenkathi iNkosi uNkulunkulu isephulela loloPhawu, kungokungenakwenzeka ngokoqobo. Kwakungesibo. Base beqhubekele eNkazimulweni, bayothi ngqu ngakolunye uhlangothi, futhi nampo babelapho. Sithola ukuthi babengamaJuda ayezokwenyuka ngesikhathi, lapho i . . .

<sup>105</sup> Ekubizweni manje, kwezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, esingena kuzo kulobubusuku nakusasa. Na—naphakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ziyabizwa.

<sup>106</sup> Futhi manje-ke siyathola, ukuthi babengabafelukhola ababekade bebulewe, kepha nokho bengaka . . . Babembethe izingubo ezinde ezimhlophe, kodwa amagama abo ayekade eseNcwadini yokuPhila yeWundlu. Futhi banikwa izingubo ezinde ezimhlophe, ngamunye wabo. Futhi sikuthathile lokho. Futhi akulutho ezweni, angikholwa, kodwa lesosigejane sama—maJuda esedlula esikhathini sokuhlupheka kwangaphambili. Ngenkathi, ngesikhathi salena izimpi zokugcina, babe . . . ba . . . Bazofanele bazondwe yiwo wonke umuntu. NoEichmann wabulala izigidi zawo eJalimane. Nilizwile nje icala. Izigidi zabantu abangenacala ababulawa, amaJuda, ngoba nje babengamaJuda; asikho esinye isizathu.

<sup>107</sup> IBhayibheli lasho lapha, ukuthi, “Babulawa ngenxa yobufakazi babo bukaNkulunkulu, ngenxa ye—yeZwi likaNkulunkulu, nobufakazi ababenabo.” Manje sithola ukuthi uMlobokazi wayeyiZwi likaNkulunkulu nobufakazi bukaJesu Kristu. Laba babengenabo ubufakazi bukaJesu Kristu.

<sup>108</sup> Futhi sithola ukuthi iBhayibheli liyasho, ukuthi, “Wonke okaIsrayeli, uIsrayeli omiselwe ngaphambili, uyosindiswa,” kwabaseRoma 11. Manje siyakwazi lokho. Futhi lapho sibone leyomiphefumulo.

<sup>109</sup> Manje bukani ukuthi kusondele kanjani. Kungani lokhu kungabangakhona ngaphambili na? Ngoba kwakungenzekanga

ngaphambili. Manje seningakubona, niyabo. Niyabo, uMoya oNgcwele omkhulu, ubona lezozinto ziza zehla nge—ngeminyaka nezikhathi. Futhi manje kuyembulwa, futhi manje-ke ubuka lapho bese ubona ukuthi lelo yiQiniso. Yilapho okukhona.

<sup>110</sup> Manje, kwaku—kwakungabafelukhoho ekuhlushweni, noma ukuhlushwa kwangaphambili, ngoEichmann. Manje, bafanekisa kuphela abafelukhoho bezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, esingena kukho, phakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa. Niyabo?

<sup>111</sup> NoPhawu lwesiKhombisa luyinto eyodwa nje, yilokho kuphela, nalokhu, “Kwathula du eZulwini isikhathi esiyingxenye yehora.” Futhi manje nguNkulunkulu kuphela ongembula lokho. Akufanekisiwe ngisho, akukho ndawo. Lokho kukusasa ebusuku. Ningikhulekele. Niyabo?

<sup>112</sup> Manje, siyaqaphela manje, njengoba singena oPhawini lwesiThupha. Manje kwangathi uBaba waseZulwini angasisiza sisazinza manje kuloluPhawu lwesiThupha. Manje lelivesi 12 lesahluko 6.

*Ngase ngibona lapho li . . . vula uphawu lwesithupha, futhi, bheka, kwaba-khona ukuzamazama okukhulu komhlaba; nelanga laba-mnyama njengendwangu yesaka loboya, nenyanga yaba-njengegazi;*

*Nezinkanyezi zezulu zawela e . . . mhlabeni, njengomkhiwane uvuthulula umphobo wawo, nxa uzanyazanyiswa ngumoya omkhulu.*

*Namazulu lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa; nezintaba zonke neziqhingi zonke zasuswa ezindaweni zazo.*

*Namakhosi omhlaba, nezikhulu, nabacebileyo, nezinduna, nabanamandla, nabobonke aba bond- . . . nabakhululekileyo bonke, bacasha emihumeni nasemaweni ezintaba;*

<sup>113</sup> Niyaqaphela lapho na? Babukeni, “abanamandla,” niyabo. Babekade benzeni na? “Babekade bemukele iwayini lolaka lokuhlobonga kwesifebe.” Niyabo? Yilelozinga elifanayo impela elaphuza awayinini laso. Niyabo?

*Base bethi ezintabeni nasemaweni, Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi, nasolakeni lweWundlu:*

*Ngokuba usuku olukhulu lolaka lwalo selufikile; ngubani-ke onamandla okuma na?*

<sup>114</sup> Ukwethulwa okunje pho ku . . . Niyabo, umgibeli umanje, umgibeli wezilo, neziDalwa eziphendulayo, sezikhawukile. Manje-ke, sicoshe, sibona abafelukhoho phansi kwesiHlalo sobukhosi. Manje lokhu, kusukela esikhathini, lababafelukhoho bangamaJuda ebandla loMthetho eqiniso afela okholweni

lwamaKristu...noma e—ekukholweni kwezenkolo, ngoba babengeke babe ngamaKristu.

115 Khumbulani, uNkulunkulu waphuphuthekisa amehlo abo. Futhi bazophuphutheka isikhathi eside, kuze kukhishwe iBandla labeZizwe endleni. Isizathu, uNkulunkulu akasebenzani nalabobantu bobabili ngesikhathi esifanayo, ngoba kuphambene impela neZwi laKhe.

116 Khumbulani, Usebenzana noIsrayeli njengesizwe, njalo. Yisizwe sakwaIsrayeli.

117 AbeZizwe, njengabantu ngamunye, “abantu bethathwa kwabeZizwe.” Futhi kwakufanele, oweZizwe, kwafanele benze...benziwa ngabo bonke abantu bomhlaba, ngakho manje futhi ngenkathi kukhona iJuda elingena kulokho. Niyabo? Njengo—ngomArabu nje, nomIrishi, neNdiya, nanoma yibaphi abanye, konke ngabantu bomhlaba, benza loMlobokazi ongumqulu wezimbali. Niyabo?

118 Kodwa, manje, uma sekufika-ke ekusebenzaneni noIsrayeli, kulengxenywe yokucina yesonto lamashumi ayisikhombisa, Usebenzana nabo njengesizwe, abeZizwe sebeqediwe. Ihora masinya liyafika, futhi mhlawumbe lingahle namanje ngalobu—ngabo impela lobubusuku, ukuthi uNkulunkulu ngokuphelele uzofulathela abeZizwe, ngakho konke. Impela! Washo njalo. “Bayakunyathela izindonga zeJerusalema kuze kuqedwe isikhathi sesimiselo sabeZizwe, izikhathi seziphelile.” Yebo, mnumzane!

119 Futhi manje-ke, “Ongcolile makahlale engcolile; olungile makabe ngolungile.” Niyabo?

120 Alisekho iGazi esihlalweni se—se—se sanct-...endaweni engcwele, nhlobo. Alisekho iGazi ealtare. UMhlatshelo usususiwe, futhi akusekho lutho kodwa intuthu nombani nokwahlulelwa phakathi lapho. Futhi yilokho impela nje okuthululwa lapha kulobubusuku. Niyabo, iWundlu selivele lisukile e...Umsebenzi waLo wokulamulela. Umsebenzi wokulamulela usuqediwe, ngale esiHlalweni sobukhosi. NoMhlatshelo, njengoba siLifanekise ngokuphelele, uMhlangi oyisiHlobo somndeni, iWundlu elinegazi eliphumayo. IWundlu elalikade lihlatshiwe, Elinegazi, lalibulewe, lalinyazwa, liyaphuma lase lithatha iNcwadi esandleni saKhe. Lokho kungukuthi, izinsuku seziphelile. Manje Lifikela ukubiza lokho Elikuhlengile. Amen! Lokho nje kuthumela okuthize ngami!

121 Siyathola manje, uJohane wathi, “Ngabheka lapho Selivule uPhawu lwesiThupha, kwabakhona ukuzamazama komhlaba okukhulu,” khona-ke yonke imvelo yaphazamiseka. Niyabo?

122 UNkulunkulu kade enza izinto ezinkulu, njengokuphilisa abagulayo, nokuvula amehlo ezimpumputhe, nokwenza umsebenzi omkhulu.



123 Kodwa siyathola, lapha, leyomvelo yathatha yakhubeka, yebo, yonke imvelo. Bukani ukuthi kwenzekeni, “U—ukuzamazama komhlaba; ilanga laba-mnyama, nenyanga ayangakunikeza ukukhanya kwayo; nezinkanyezi zazamazama futhi zawa.” Futhi, ngani, yonke into yenzeka, niyabo, ngaso impela isikhathi sokuvulwa kwaloluPhawu lwesiThupha. Kwenzeka ngaleyonkathi-ke, masinyane impela emva kokumenyezelwa kwalabobafelukholo, niyabo. Abafelukholo base beqediwe.

124 Manje niyabo sisondele ngqo kulelohora manje. Besingaba kulo, noma ngasiphi isikhathi, niyabo, ngoba iBanda selithi nje alilungele ukuba Lisuke lindize. Kodwa khumbulani, uma lezizinto zenzeka, uMlobokazi angeke abe lapha. Khumbulani nje, uMlobokazi akasekho, Akadingi ukuba edlule kunoma yikuphi kwakho. Lesi yisikhathi sokuHlupheka, sokuhlanzwa kwe—kwebandla; kubekwe phezu kwalo, ukuba lona ledlule kukho, hhayi uMlobokazi. Ukhipha isithandwa saKhe endleleni. Yebo, mnumzane! Yena, usevele uMhlengile. Niyabo, wuhlobo lwe... Lokho ngukuqoka kwaKhe uQobo, ukukhetha kwaKhe uQobo, njenganoma ziyiphi indoda ithatha umlobokazi wayo. Niyabo? Manje, ukuzamazama komhlaba... .

125 Asiqhathanise imiBhalo manje. Ngi—ngifuna... Ninalo ipensela nephepha na? Ngifuna ningenzele okuthize. Njengoba nifuna ukubhala, nibhale lokhu, ngoba, ngaphandle uma nizothatha iteyipu. Manje si... Ngifuna nifunde kanye nami, njengoba nenza.

126 Qhathanisani imiBhalo yalesisehlakalo esikhulu, ukuthi sizobona ukuthi lemfihle enkulu, noma imfihlakalo, eyayiphansi koPhawu lwesiThupha lweNcwadi yokuHlengwa. Manje khumbulani, lezi yizimfihlakalo ezifihlakele. NeziMpawu eziyisithupha, zonke ndawonye, yiNcwadi eyodwa enkulukazi, nje imibhalo egoqwayo eyisithupha isongwe yahlanganiswa, futhi lusombulula yonke iNcwadi yokuHlengwa. Wahlangwa kanjalo-ke umhlaba wonke.

127 Yingaleso sizathu uJohane akhala, ngoba, ukuba kwakungekho-muntu owayengathola leyoNcwadi, konke okudaliweyo, yonke into yayiphelile. Yayiyovele nje ibuyele kalula ku—ku—kuma atomu nezithaki amamolekhuli, kanjalonjalo, nokukhanya kwezulu nomhlaba, futhi kungabisikho ngisho nokudaliweyo, umuntu, lutho olunye. Isizathu, uAdamu walahlekelwa amalungelo aleyoNcwadi. Walahlekelwa yiyo ngenkathi elalela umkakhe, futhi walalela imizindlo kaSathane, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Yalahlwa.

128 Manje-ke, yayingenakubuyela ezandleni ezingcolile zikaSathane, owamlinga wamkhipha endleleni, ngakho ngakho-ke yabuyela kumnikaziyo wasekuqaleni, njenganoma

yiYiphi incwadi eyilungelo lobufakazi ibingakwenza, niyabo. Ibuyela ngqo kumnikazi wayo wasekuqaleni, nalowo kwakunguNkulunkulu, uMdali, Owayenzayo. Futhi Uyiphethe.

<sup>129</sup> Futhi kunentengo, futhi lokho ukuhlengwa. Kunentengo ethize yokuhlengwa, futhi kwakungekho muntu owayengakwenza. Ngakho, Wathi, wenza imithetho yaKhe, imithetho yaKhe uQobo yoMhlengi oyisiHlobo somndeni. Manje-ke, abatholanga-muntu. Wonke umuntu wazalwa ngokocansi, wazalwa ngesifiso socansi; wayesesonweni sasekuqaleni, uSathane noEva, ngakho wayengenakukwenza. Akukho lutho kuye. Akukho-phapha ocwebileyo, umpristi, uDokotela wezobuNkulunkulu, noma wayengahle abe ngubani, wayengake abe-muntu ofanele. Futhi wayengeke abe yiNgelosi, ngoba kwakufanele kube yisiHlobo somndeni. Wayefanele abe ngumuntu.

<sup>130</sup> Manje-ke uNkulunkulu qobo lwaKhe uba yisiHlobo somndeni, ngokuthatha inyama yomuntu, ngokuzalwa yintombi. Futhi Wachitha iGazi laKhe. Lelo kwakungesilo igazi leJuda. Kwakungesilo igazi loweZizwe. KwakuyiGazi likaNkulunkulu. Niyabo? IBhayibheli lathi, “Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu.”

<sup>131</sup> Umntwana uthatha igazi likayise. Siyakwazi. Noma yini ebulilini besilisa iveza umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi. Ngakho sithola ukuthi, njengesikhukhukazi sizalela iqanda; singazalela iqanda, kodwa uma iqhude, noma umama, engazange abe naso, ngeke lichamseleke. Alizaleki. Owesifazane ungumchamuseli kuphela othwala iqanda. Kodwa iqanda livela . . . Imbewana ivela esiliseni.

<sup>132</sup> Futhi, kulendaba, isilisa sasinguNkulunkulu uqobo lwaKhe. Kukanjalo ngakho, ukuthi iphezulu liphansi kanjani, no-nokukhulu kuncane. UNkulunkulu wayemkhulu kakhulu waze Waba, wazibumba ngisho Yena uqobo entweni encinyane kangaka, embewaneni encinyanyana esizalweni sentombi. Futhi ngalapho Wandisa amangqamuzana neGazi. Futhi wazalwa, futhi wakhula emhlabeni. Futhi kusukela kulolohlobo lwesiqaliso, elimsulwa, kungekho-sifiso socansi kukho, nhlobo.

<sup>133</sup> Wayese-ke Enikeza leloGazi, ngoba Uba yisihlobo segazi kithi. Futhi WayenguMhlengi oyisiHlobo somndeni. Futhi Wachitha leloGazi, ngesihle. Wayengadingekile ukuba abe nakho. ULinikela ngesihle, ukuhlenga.

<sup>134</sup> Useya phezu kwealtare likaNkulunkulu ke, futhi ulinda lapho, ngenkathi uNkulunkulu ephethe iNcwadi yokuHlengwa ezandleni zaKhe. NeWundlu elinegazi lima ealtare lomhlatshelo. Nanto iWundlu, ukwenza ukuhlengwa, lenza ukumela.

<sup>135</sup> Manje-ke, umuntu angaba kanjani nesibindi sokuthi uMariya, noma uJosefa, kumbe noma yisiphi isidalwa esisazokufa, ebesingaba ngo-ngomelayo! Ungeke wamela

ngaphandle uma kukhona iGazi lapho. Yebo, mnumzane. “Munye uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, nalowo nguKristu Jesu.” Usho njalo-ke umBhalo. Nango Emile, futhi kuze kube umphefumulo wokugcina usuhlengiwe; bese-ke Ephuma ukuba abize lokho Akuhlengile. O, UnguBaba o—omkhulu kangaka pho!

<sup>136</sup> Manje khumbulani, manje, bengihlala njalo ngifundisa, ukuthi, “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.” Futhi, umBhalo, njengoba nje ungeke wathatha umBhalo owodwa bese ungafakazisi lutho ngaphandle uma kukhona okunye okuthize okuhambisana nawo. Niyabo?

<sup>137</sup> Niyabo, ngingathatha umBhalo owodwa bese ngithi, “UJuda wahamba wayesezilengisa,” ngithathe omunye bese ngithi, “Hamba wenze okufanayo.” Niyabo? Kodwa, niyabo, ubungeke uhlangane thaqa naWo wonke.

<sup>138</sup> Ngase ngicabanga, phansi kwaloluPhawu lwesiThupha, ngenkathi uMoya oNgcwele uLwephula lapho, ngase ngibona ukuthi kwakuyini, ngase ngicabanga ukuthi kungaba yinto enhle ukunikeza iklasi into ethize encane ehlukile kulobubusuku. Niyabo? Isizathu, kungahle kukhathaze, ekulaleleni mina nje ngikhuluma ngaso sonke isikhathi, ngakho ngacabanga ukuthi sizokwenza into ehlukile.

<sup>139</sup> Manje qaphelani. Lesisehlakalo esikhulu sanamathiselwa ngophawu phansi kweNcwadi yemfihlakalo, yokuhlengwa. Manje iWundlu linaKho esandleni saKhe, lizoLwephula.

<sup>140</sup> Manje asibuke kuMathewu isahluko 24, iWundlu qobo lwaLo likhuluma. Manje, noma ubani uyazi ukuthi uKristu ungumqambi wayo yonke iNcwadi, mayelana nalokho. Kodwa lena yinkulumo yaKhe—yaKhe lapha, noma intshumayelo yaKhe—yaKhe ku—kubantu, kulungile, kumaJuda.

<sup>141</sup> Manje ngifuna nibambe iNcwadi yenu *kanje*, uMathewu 24 neSambulo 6, *kanje*. [UMfowethu Branham ubamba iBhayibheli lakhe livuleke kulezizahluko ezimbili—Umhl.] Futhi asiqhathanise into ethize lapha kancanyana nje.

<sup>142</sup> Manje, bhekisisani lokhu manje, futhi ningathola nje ukuthi kukanjani—kanjani. Niyabo, ukuthi iWundlu *lapha* likhombisani, khona impela esifanekisweni, ukuthi Lathini *ngapha* eZwini. Lenza khona impela, ngakho lokho kukwenza kube ngokuqiniseleyo. Manje, yilokho—yilokho kuphela okukhona kukho. Nansi i... *Nansi* eyodwa, Likhuluma ngayo, futhi *nakhu* lapho okwenzeka khona. Niyabo? Kungokuqinisekisa okupheleleyo nje.

<sup>143</sup> Manje, manje asibuke esahlukweni 24 sikaMathewu oNgcwele, neSambulo 6, futhi siqhathanise isahluko 24 sikaMathewu. Sonke siyazi ukuthi leso kwakuyisahluko ukuthi zonke izifundiswa ezinkulu, wonke umuntu uya kuso, uku—ukukhuluma ngesikhathi sokuHlupheka.

Kuphuma esahlukweni 24 sikaMathewu. Futhi manje asi... Uma lokho kunjalo, manje si...Ngokuba, siyazi ukuthi loluPhawu lwesiThupha wuPhawu lokwahlulelwa. WuPhawu lokwahlulelwa, Luyilokho impela.

144 Manje, niyabo, sibe noku—kugibela komphikukristu. Salibona iBandla lihamba; manje Seliqedile, liyenyuka. Beseke sibona abafelukholo, balawomaJuda emuva lapho, phansi kwealtare. Manje nakhu ukuvezwa kokwahlulelwa, phezu kwabantu aba. . .

145 Kulokhu ukwahlulelwa kokuHlupheka kuyovela izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane zamaJuda ahlengiwe. Ngizofakazisa kini ukuthi zingamaJuda, futhi azisuye oweZizwe. Azihlanganise lutho noMlobokazi, nalutho. UMlobokazi, simbonile uMlobokazi usevele uhambile. Ungeke wakubeka lokho kunoma kuyiphi enye indawo; akabuyi futhi kuze kube sesahlukweni 19 seNcwadi yezenzo.

146 Manje qaphelani, ngokuba, uPhawu lwesiThupha luwuPhawu lokwahlulelwa kweZwi.

147 Manje, lapha, asiqalise manje futhi asifunde uMathewu oNgcwele, isahluko 24. Manje ngithanda nje ukuninika into ethize lapha ekade ngiyibheka, ukuthola. Manje, uMathewu oNgcwele, kusukela kwelo 1 kuya kwele 3, awu, yilapho esizofunda khona kuqala.

*Kuthe uJesu ephuma, waphuma ethempelini: kwasondela abafundi bakhe ukumtshengisa isakhiwo zethempeli.*

*Waphendula wathi kubo, Anikuboni konke lokhu na? ngiqinisile ngithi kini, Akuyikuba elilodwa...shiywa lapha itshe phezu kwetshe, elingayikudilizelwa phansi.*

*Manje, futhi (ivesi 3) esahlezi e...ntabeni... miNqumo, abafundi beza kuye bebodwa, bathi, Sitsehele, ukuthi lokhu kuyakuba nini? . . . nesibonakaliso sokuza kwakho, nesokuphela kwezwe siyakuba-yini?*

148 Manje asime lapho. Lamavesi amathathu, kwenzeka, empeleni, ngoLwesibili ntambama, ngoApreli zizine, ngo 30 uJesu aZalwa. Namavesi amabili okuqala enzeka ntambama ka. . .ka-Apreli zizine, ngo 30 uJesu aZalwa. Nevesi 3 lenzeke ngoLwesibili kusihlwa losuku olufanayo. Niyabo?

149 Bafika ethempelini, base beMbuza lezizinto. “Uthini ngalokhu na? Futhi uthini ngalokhu na? Bukani lelithempeli elikhulu! Alimangalisi na?”

Wathi, “Akuyikushiywa itshe phezu kwelinye.”

150 Wayese-ke enyukela entabeni wayesehlala phansi, niyabo. Ukuthi lapho, nango Eqala; kuntambama. Kwase kuthi-ke ngenkathi benza, baMbuza phezulu lapho, bathi, “Sifuna ukwazi ngezinto ezithize.”

151 Manje qaphelani, nanku—nanku imibuzo emithathu ebuzwa amaJuda, umfundi waKhe. Kubuzwa imibuzo emithathu. Manje bhekisisani. “Yini,” kuqala, kuqala, “yini . . . Ziyakuba nini lezizinto, lapho, ‘Kungayikubakho itshe elishiywa phezu kwelinye?’” “Siyakuba yini isibonakaliso soKuza kwaKho na?” umbuzo wesibili. “Nesokuphela kwezwe na?” Niyakubona na? Nanso imibuzo emithathu.

152 Manje, yilapho amadoda amaningi enza khona iphutha lawo. Asebenzisa lezizinto lapha komunye unyaka-ke, kanti, niyabo, Uphendula imibuzo emithathu. A . . .

153 Bhekisisani manje ukuthi kuhle kanjani—kanjani, ivesi 3, niyabo, umusho wokugcina lapho evesini 3. “Futhi kuyakuba yini . . .” Kuqala, baMbizela entabeni yeMinqumo lapha, bebodwa. “Sitshele, lezizinto ziyakuba nini na?” umbuzo wokuqala. “Siyakuba yini isibonakaliso soKuza kwaKho na?” umbuzo wesibili. “Nesokuphela kwezwe na?” umbuzo wesithathu. Niyabo? Nanso imibuzo emithathu ehlukene ebuzwayo. Manje, manje ngifuna niphenye ngale bese nibhekisisa ukuthi uJesu lapha ubatshela kanjani ngalezizinto.

154 O, kuhle kakhulu! Ngi . . . Nje kungenza . . . ngi—ngi—ngithola i . . . Lalithini lelogama esalisebenzisa ngobunye ubusuku na? [Ibandla lithi, “Ukuvuselela amandla.”—Umhl.] Ukuvuselela amandla esambulweni! Qaphelani.

155 Manje asiphenye manje oPhawini lokuQala lwe—lwezimpawu zaleNcwadi, futhi siqhathanise loluPhawu lokuQala nalombuzo wokuqala.

156 Futhi umbuzo ngamunye, uqhathaniseni phansi ngqo, futhi nibone ukuthi awuhambisani yini ncamashi, njengoba nje senzile kuzo zonke lezi ezinye zivuleka, eminyakeni yebandla nayo yonke into, kufana impela. Nanto uPhawu, luvulwe ngokuphelele, ke. Qaphelani, manje. Manje sizofunda, kuqala, okwe . . . “Wayesebaphendula-ke . . .” Futhi—futhi manje-ke U—Uzoqala ukuphendula manje, futhi sifuna ukukuqhathanisa neziMpawu.

157 Manje bhekisisani. Uphawu lokuQala yiSambulo 6:1 nele 2. Manje sifunda ese 6:1 nele 2.

*Ngase—ngase ngibona . . . iWundlu selivula olunye lwezimpawu, ngezwa, esinye sezidalwa ezine sisho, njengezwi lokuduma sithi, Woza ubone.*

*Futhi ngabona, bheka nanto ihashi elimhlophe: nohlezi phezu kwalo ephethe umnsalo; futhi wanikwa umqhele: futhi waphuma engonqobayo, nokuyakunqoba.*

158 Sathola ukuthi wayengubani lomfo na? [Ibandla lithi, “Umphikukristu.”—Umhl.] Umphikukristu. UMathewu 24, manje, ele 4 nele 5.

*UJesu waphendula wathi kubo—kubo, Qaphelani ningadukiswa-muntu.*

*Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama lami, bathi, Mina nginguKristu; badukise abaningi.*

<sup>159</sup> Niyakubona na? Umphikukristu. Nanto uPhawu lwakho. Niyabo? Niyabo? Wakukhuluma *lapha*; futhi *lapha* bavula uPhawu, futhi nangu wayelapha, ephelele nje.

<sup>160</sup> Manje uPhawu lwesiBili, uMathewu 24:6, iSambulo 6:3 nele 4. Manje bhekisisani, uMathewu 24:6. Manje ake ngibone ukuthi kuthini.

*Futhi niyakuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi: bhekani ningethuki: ngokuba lokhu kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki.*

<sup>161</sup> Kulungile, asithathe uPhawu wesiBili, iSambulo 6:3 futhi . . . Kubili. Bhekisisani ukuthi Uthini manje.

*Nalapho livula uphawu lwesibili, futhi ngezwa isidalwa sesibili sithi, Woza . . . bone.*

*Kwase kuphuma elinye ihashi elibomvu: nohlezi phezu kwalo waphiwa amandla ukususa ukuthula emhlabeni, futhi ukuze babulalane: futhi wanikwa inkemba enkulu.*

<sup>162</sup> Ngokuphelele, impela nje! O, ngiyathanda ukwenza umBhalo uziphendule Wona uqobo. Anithandi? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UMoya oNgcwele waWuloba wonke, kodwa Uyakwazi ukuWembula.

<sup>163</sup> Manje asiqaphele uPhawu lwesiThathu. Manje, lena yindlala. Manje, uMathewu 24:7 nele 8. Asithole ele 7 nele 8, kuMathewu.

*Futhi isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso: futhi kube-khona indlala, . . . zifo, . . . kuzamazama komhlaba, kuzindawo ngezindawo.*

*Konke lokhu izinto kungukuqala komhelo.*

<sup>164</sup> Niyabo, nenyuka ngqo manje. Manje, iSambulo, kwesesi 6, manje sizovula uPhawu lwesiThathu. Lutholakala eSambulweni 6:5 nele 6.

*Kuthe selivula uphawu lwesithathu, nga—ngabheka isidalwa sesithathu sithi, Woza ubone. Ngase ngibona bheka, futhi bheka nanto ihashi elimnyama; nohlezi phezu kwalo ephethe isilinganiso ngesandla sakhe.*

*Ngase ngizwa kungathi izwi phakathi kwezidalwa ezine lithi, Imbenge . . . denariyu . . . Imbenge kakolweni ngodenariyu, nezimbenge ezintathu zebhali ngodenariyu; kepha amafutha ne . . . wayini ungakoni.*

<sup>165</sup> Indlala! Niyabo, uPhawu olufanayo impela, into efanayo neyashiwo nguJesu. Kulungile.

166 UPhawu lweSine, “izifo” no “kufa.” Qaphelani, uMathewu 24. Sizofunda i—ivesi 8, ele 7 nele 8, ngikholwa ukuthi yilo, kuloluPhawu lweSine, nginalo lapha. Kulungile.

167 Manje, ngifundeni emuva lapha na? Ngabe ngifunde into engesiyo na? Ya, benginakho lokho kumakiwe. Ya, nakho lapho esikhona. Manje siyahamba. Manje siyahamba. Kulungile, mnumzane.

168 Manje asiqale lapha kwele 7, kulokhu, uPhawu lweSine; nakwese 6:7 nele 8, kwesinye, eSambulweni.

169 Manje asibone ele 7 nele 8 likaMathewu 24. Kulungile, manje.

*Futhi isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso: futhi kube-khona indlala, . . . zifo, . . . kuzamazama komhlaba, kuzindawo ngezindawo.*

*Konke lokhu izinto kungukuqala komhelo.*

170 Manje uPhawu lweSine, njengoba silufunde ngapha, lwaluyi. . . UPhawu lweSine, lwaqala kwele 7 nele 8, kulesi esinye manje.

*Nalapho livula uphawu lwesine, futhi bheka . . . isidalwa sesine sathi, Woza ubone.*

*Ngase ngibona, bheka nanto ihashi elimpofu: . . .*

171 Manje lindani. Nginalokhu kubhalwe phansi ngokungesikho. Ya. Ya. Manje umzuzu nje, manje, ele 7 nele 8.

172 Manje ake sibone, uMathewu 24:7 nele 8. Manje ake sibone. Sizokuthola lokho. Lolo olwesiThathu, luvula, akusilo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UMathewu 24:7 nele 8. Ngiyaxolisa. Manje, lokho kuvula gelekeqe invula . . . noma indlala, kuvula gelekeqe indlala. Kulungile.

173 Manje, i “zifo” no “kufa.” Yebo, mnumzane. Manje siya kukho, ele 7 nele 8. Manje, lolo kungaba wuPhawu lweSine. Ake sibone lapho esithola khona uPhawu lweSine. “Nalapho selivula uPhawu lweSine—lweSine . . .” Ya, ngumgibeli wehhashi elimpofu, “uKufa,” niyabo.

*Ngase—ngase ngibona, futhi bheka nanto ihashi elimpofu: no . . . ihashi elimpofu: nohlezi phezu kwalo igama lakhe lithiwa nguKufa, neHayidese lalandelana . . . naye. Wase enikwa amandla phezu kokwe sine- . . . izingxenye komhlaba, ukuba babulale ngenkemba, nangendlala, nangokufa, nangezilwane zomhlaba.*

174 Manje, niyabo, lokho kwakungu “Kufa.”

175 Manje, uPhawu lwesiHlanu, uMathewu 24:9–13. Ake sibone ukuthi ngikuthole kahle yini lokhu, manje, futhi. Niyabo?

*Futhi lapho-ke bayakunikhaphela osizini, banibulale (nakho lapho okhona): futhi niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yegama lami. Futhi nxa . . .*

*Khona-ke abaningi bayakukhaphela . . . abaningi bayakukhubeka, bakhaphelane, bazondane.*

*Kuyakuwela abaprofethi bamanga abaningi, futhi . . . badukise abaningi.*

*Ngenxa yokwanda kokubi, kuzakuphola uthando kwabaningi.*

*Kodwa o . . . khuthazelayo kuze kube sekupheleni, nguyena oyakusindiswa.*

176 Manje, sisoPhawini lwesiHlanu manje. Nalokho bekuyizolo ebusuku, niyabo. “Bayonikhaphela, nikhaphelane,” kanjalo kanjalo.

177 Manje bhekisisani lapha kwese 6, uPhawu, 6:9 kuya kwele 11. Manje asithole leso, iSambulo 6:9 kuya kwele 11.

*Nalapho selivula uphawu lwesihlanu, ngabona phansi kwealtare imiphefumulo yababebulewe ngenxa yezwi likaNkulunkulu, nangenxa yobufakazi ababenabo:*

*Futhi bamemeza ngezwi elikhulu, bethi, Koze kube nini, . . . Mbusi, ongcwele . . . qinisileyo, u . . . hluleli uphindisele igazi lethu kulaba abakhileyo emhlabeni na?*

*Manje, base benikwa kwaba-yilowo nalowo izingubo ezinde ezimhlophe; futhi kwashiwo kubo, ukuba baphumule isikhashana, baze baphelele abayizinceku kanye nabo nabazalwane babo, . . . bezakubulawa njengabo, baze baphelele.*

178 Manje, niyabo, phansi koPhawu lwesiHlanu, sithola—sithola lapha ubufelukholo.

179 Futhi phansi kwesama 24:9 ngapha, si . . . kuya kwele 13, siyathola futhi ukuthi kwakungumfelukholo. “Bayakunikhaphela, futhi banibulale,” kanjalonjalo. Niyabo, uPhawu olufanayo luvulwa.

180 Manje, oPhawini lwesiThupha, yilolo esiza kulo manje, uMathewu 24:29 nelama 30. 24, futhi asithole elama 29 ne—nelama 30. Nakhu lapho esikhona.

Manje, manje sizothola, futhi, iSambulo 6:12 kuya kwele 17.

181 Yilokho impela nje esikufundile. Manje lalalani lokhu, manje, okwashiwo nguJesu kuMathewu . . . :29, 24:29 nelama 30.

*Kepha masinyane emva kokuhlupheka kwalezozinsuku . . .*

182 Ini? Ngenkathi i . . . lokhu ukuhlupheka, lokhu ukuhlupheka okusekuncane abedlule kukho lapha, niyabo.



*. . . ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya, nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla a . . . mazulu ayakuzanyazanyiswa:*

*Khona kuyakubonakala isibonakaliso seNdodana yomuntu ezulwini: bese zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini ezulu inamandla nenkazimulo enkulu.*

183 Manje, fundani ngapha eSambulweni manje, u—uPhawu lwesiThupha, lolu esikulo khona manje.

*Na . . . bheka lapho livula uphawu lwesithupha, futhi, bheka, kwaba-khona ukuzamazama komhlaba okukhulu; nelanga laba-mnyama njengendwangu yesaka (niyabo?) loboya, nenyanga yaba njengegazi;*

*Nezinkanyezi zezulu zawela emhlabeni, njengomkhiwane uvuthulula umphobo wawo, nxa u . . . zanyazanyiswa ngumoya omkhulu.*

*Namazulu lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa; nezintaba zonke neziqhingi zonke . . . zasuswa endaweni zazo.*

*Namakhosi omhlaba, nezikhulu, nabacebileyo, nezinduna, nabanamandla, nesigqila zonke, . . . bakhululekileyo bonke, bacasha emihumeni . . . semaweni entaba;*

*Base bethi ezintabeni nasemaweni, Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi, nasolakeni—lakeni lweWundlu:*

*Ngokuba usuku olukhulu lolaka lwalo selufikile; . . . ngubani-ke ongema na?*

184 Ngokuphelele nje, buyelani ngale ngqo, nibone ukuthi uJesu wathini lapha manje kuMathewu 24:29. Lalelani. “Emva,” kwaloludaba lukaEichmann, kanjalonjalo.

*Kepha masinyane emva kokuhlupheka kwalezozinsuku ilanga liyakufiphazwa, . . . nyanga ayiyiku—ayiyikukhanya, . . . zinkanyezi ziyakuwa ezulwini, . . . mandla e . . . zulu ayakuzanyazanyiswa:*

Manje bhekisisani.

*Khona kuyakubonakala isibonakaliso seNdodana yomuntu ezulwini: futhi bayobona, futhi ba . . . bese zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNdodana yomuntu iza emafwini ezulu inamandla amakhulu nenkazimulo.*

*Futhi . . . thuma izingelosi zayo, kanjalo njalo, futhi nangoku . . . kukhala kwecilongo, zi . . . baqoqe . . . mimoyeni yomine, . . . lwa ndawonye.*

185 Niyabo, impela nje, kuqhathaniswa nalokho uJesu akusho kuMathewu 24, nalokho umambuli lapha akuvula nge oPhawini lwesiThupha, kuyikho impela nje. NoJesu wayekhuluma ngesikhathi sokuHlupheka. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Niyabo?

186 Kuqala, wabuza ukuthi lezizinto ziyoba nini, lapho ithempeli liyosuswa khona. Wakuphendula lokho. Into elandelayo ayibuzayo, siyofika nini isikhathi. . . Nakho kufika unyaka wabafelukholo. Nokuthi *lokhu* kuyokwenza nini, ukuthi umphikukristu uyovuka nini; nokuthi umphikukristu uyolisusa nini ithempeli.

187 UDanyeli, ukuthi besingabuyela kanjani emuva bese sicosha uDanyeli lapho, ngenkathi esho lokho, lenkosana eyofika. Nina bafundi niyakwazi lokho. Futhi wayefanele enzeni na? Wayeyosusa umhlatsshelo wansuku zonke, nakho konke lokho okwakuyokwenzeka ngesikhathi. Wathi. . .

188 UJesu, ngisho, ekhuluma ngakho lapha, kudwetshelwe ngaphansi. Wathi, “Nxanibona amanyala enza incithakalo, eyakhulunywa ngomprofethi uDanyeli, emi endaweni engcwele.” [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Yini leyo na? Indlu yamamohomede yaseOmar, imi endaweni yethempeli ngenkathi belishisa lingqongqa. Wathi, “Makuthi abasezintabeni. . . Makuthi abaphezu kwendlu, bangehli ukuzokhipha izinto endlini, noma osensimini abuye. Ngokuba kuyoba nesikhathi senkathazo!” Niyabo? Futhi zonke lezizinto zazizokwenzeka, zehliselwa phansi manje futhi kuqinisekiswa, kubuyele kulokhu ukuvulwa koPhawu lwesiThupha.

189 Manje ngifuna niqaphele. UJesu. . . Manje, cishe kusasa ebusuku, kuLokhu, uJesu washiya ukufundisa koPhawu lwesiKhombisa. Alukho lapha. Bhekisisani, Uqhubeka ngqo ngemifanekiso manje, emva kwalokho. NoJohane washiya uPhawu lwesiKhombisa. OlwesiKhombisa, olokugcina, uPhawu lwesiKhombisa, leyo kuzoba yinto enkulu. Ayilotshiwe ngisho, niyabo. Washiya uPhawu lwesiKhombisa; bobabili benzenjalo. Nomambuli, ngenkathi uNkulunkulu nje wayethe kwakukhona. . . UJohane wathi, “Kwaba—khona ukuthula nje eZulwini.” UJesu akazange athi vu ngaLo.

190 Qaphelani manje, sibuyele evesini 12, qaphelani, akukho-siDalwa. Lelo yivesi 12, sisuke siqala oPhawini lwethu, ukulubona luvulwa. Akukho-siDalwa, njenge, iZidalwa eziphilayo, kumelwe lapha, nakho, njengoba kwakunjalo oPhawini lwesiHlanu. Ngani na? Lokhu kwenzeka, ngakolunye uhlangothi lonyaka weVangeli, ngesikhathi sokuHlupheka. LoluPhawu lwesiThupha luyisikhathi sokuHlupheka. Yilokho okwenzekayo. UMlobokazi usehambile. Niyabo? Akukho-

Sidalwa esiphilayo noma lutho lapho lokukusho. Nje ku... Manje, uNkulunkulu akasasebenzani neBandla; Selihambile.

<sup>191</sup> Usebenzana noIsrayeli, niyabo. Niyabo, lolu olunye uhlangothi, lokhu kungenkathi uIsrayeli esemukele uMlayezo wombuso, ngabaprofethi ababili beSambulo 11. Khumbulani, uIsrayeli uyisizwe, inceku kaNkulunkulu, isizwe. Futhi nxa—nxa—nxa uIsrayeli esengeniswa, kuyoba wu—wudaba lukazwelonke.

<sup>192</sup> UIsrayeli, unyaka wombuso, yilapho uDavide... iNdodana kaDavide, ihlala esihlalweni sobukhosi. Yingalesosizathu lowo wesifazane amemeza, “Ndodana kaDavide!” NoDavide uzo... iNdodana kaDavide! UNkulunkulu wafunga Yona, kuDavide, ukuthi Wayezovusa iNdodana yaKhe eyayizothatha isihlalo sakhe sobukhosi. Kwakuzoba yisihlalo sobukhosi sangunaphakade. Niyabo? Sasingayikuphela. USolomoni uyasinikeza, ngomfanekiso, ethempelini. NoJesu wabatshela nje lapha, lokho ngukuthi, “Akuyikubakho-dwala elishiywa phezu kwelinye lawo.” Kodwa Uzama ukubatshela lapha, oku... Uyabuya.

“Ubuya nini na?”

<sup>193</sup> “Lezizinto ziyokwenzeka ngaphambi kokuba Ngibuye.” Futhi nazi!

Manje sisesikhathini sokuHlupheka.

Khumbulani, nxa umbuso umiswa, emhlabeni... .

<sup>194</sup> Manje, lokhu kungahle kwethuse kancane. Futhi uma kunombuzo, futhi ni—nisangalokhu ningibuza; uma nifuna ukuvusa umbuzo, emva kokuba sekubiziwe, futhi ukukushaya nje; uma ningazange, awukwazi vele.

<sup>195</sup> Ngesikhathi sesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, nguIsrayeli oyisizwe, izizwe eziyishumi nambili njengesizwe.

<sup>196</sup> Kodwa uMlobokazi usesigodlweni. UyiNdlovukazi manje. Ushadile. Nakho konke okomhlaba kuyakuza kungene kulomuzi, iJerusalema, futhi kuyakuletha inkazimulo yalo phakathi lapho. “Namasango awayikuvalwa, e—e—ebusuku, ngoba ubusuku abusayikuba-khona.” Niyabo? Amasango ayohlala evulwe njalo. “Namakhosi omhlaba,” iSambulo... :22, “letha ubukhosi nodumo lwawo kulomuzi.” Kodwa uMlobokazi uphakathi lapho neWundlu. O, he! Ningakubona lokho, phakathi lapho! Hhayi... UMlobokazi akazukuba phandle lapha esebenza ngokushikashikeka ezivinini. Qhabo, mnumzane. UnguMlobokazi. UyiNdlovukazi eNkosini. Ngabanye abasebenza ngokushikashikeka phandle lapho, isizwe, hhayi uMlobokazi. Amen. Kulungile.

<sup>197</sup> Qaphelani lezizithunywa manje, lezizithunywa zeSambulo... :12, labaprofethi ababili, bazoshumayela, “UMbuso ususondele!” Niyabo? UMBuso weZulu uzomiswa.

Isikhathi, iminyaka yokugcina emithathu nengxenywe eyodwa yesonto likaDanyeli lamashumi ayisikhombisa, lethenjiswe kumaJuda, abantu bakhe. Khumbulani manje, lokho, ukufakazisa lokho, ukuthi lena yingxenywe yokugcina kaDanyeli yesonto lamashumi ayisikhombisa. Nginombuzo kulokho wakusasa. Niyabo?

<sup>198</sup> Manje, amasonto angamashumi ayisikhombisa kwethenjiswa, okwakuyiminyaka eyisikhombisa. Futhi phakathi kwamasonto ayisikhombisa, uMesiya wayezonqunywa, ukuba enziwe umhlatshele. Wayezoprofetha iminyaka emithathu nengxenywe eyodwa, bese kuthi-ke anqunywe, enzelwe umhlatshele wabantu. Futhi kusekhona ukunqunyelwa, leyominyaka emithathu nengxenywe isalokhu inqunyelwe uSrayeli. Manje-ke, ngenkathi uMesiya enqunywa, iJuda laphuphuthekiswa ukuze lingakwazi ukubona ukuthi lowo kwakunguMesiya.

<sup>199</sup> Futhi, manje-ke, ngenkathi uMesiya enqunywa, khona-ke iVangeli nonyaka womusa kuza koweZizwe. Bese beyehlake, noNkulunkulu wadonsa oyedwa *lapha nalaphaya*, *nalapha nalaphaya*, wayesebabeka le phansi kwezithunywa; *nalapha nalaphaya*, *nalapha nalaphaya*, wayesebabeka le phansi kwezithunywa.

<sup>200</sup> Wayesethumela isithunywa sokuqala, futhi sashumayela, necilongo lakhala; njengoba sikucosha, emva kwesikhashana. Futhi, manje-ke, icilongo lalimemezela impi. Icilongo njalo likhombisa impi. Isithunywa, ingelosi ifika emhlabeni, isithunywa sehora, njengelikaLuther, njenganoma yiziphi zezithunywa esikhulume ngazo. Wenzani na? Uyafika; noPhawu luyavulwa, luyembulwa; icilongo liyakhala, kumenyezelwa impi, futhi basuka bahambe. Bese kuthi-ke isithunywa sife. Unameka ngophawu leliqembu; bafakwa phakathi. Nenhlopheko yehlela phezu kwalabo abaLenqabayayo. Niyabo?

<sup>201</sup> Manje-ke kuyaqhubeka, bese-ke behlela, bathola enye inhlango. Sisanda kwedlula nje kukho. Bese-ke, nampa bephuma namanye amandla, niyabo, amanye amandla, omunye unyaka webandla, enye inkonzo. Bese-ke, uma enza lokho, nakhu kufika uNkulunkulu nenkonzo yaKhe, nxa umphikukristu efika neyakhe. Niyabo, *phika* nguku “melana.” Bayahambisana.

<sup>202</sup> Ngifuna niqaphele into ethize encane. Kwathi nje cishe ngesikhathi u—uKayini afika ngaso emhlabeni, uAbela wafika emhlabeni. Ngifuna niqaphele, kwathi nje cishe ngesikhathi u—uKristu afika ngaso emhlabeni, uJuda wafika emhlabeni. Cishe ngesikhathi uKristu asuka ngaso emhlabeni, uJuda wasuka emhlabeni. Kwathi nje cishe ngesikhathi u—uMoya oNgwele owehla ngaso, umoya womphikukristu wehla. Kuthi nje cishe ngesikhathi uMoya oNgwele oZembula ngaso lapha ngezinsuku

zokugcina, umphikukristu uveza ubunjalo bakhe, enyuka ngezombusazwe zakhe nezinto. Futhi cishe nje ngesikhathi umphikukristu azinyakazela ngaso uqobo ngokugcwele e stre-... enkundleni; uNkulunkulu uqhubeka nokuZinyakazela ngokugcwele, ukukuhlenga konke. Niyabo, gijima nje, nje kanyekanye ngqo. Futhi ba, bobabili, ngokuhambisana. UKayini noAbela! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Igwababa nejuba, emkhunjini! UJuda noJesu! Futhi nje kuqhubeka njalo, ningakuthatha. Nje...

<sup>203</sup> Nakhu kwakukhona uMowabi noIsrayeli; bobabili. UMowabi wayengesiso isizwe esingumhenedi. Qhabo, mnumzane. Banikela umhlathshelo ofanayo uIsrayeli ayewunikela. Bakhuleka kuNkulunkulu ofanayo. Impela. UMowabi wayebiz-... Wayengomunye wamadodakazi kaLoti eyalala noyise, futhi wayenomntwana. Nalowomntwana wayebizwa ngoMowabi. Futhi kuye kwavela isizwe sakwaMowabi, izwe lakwaMowabi.

Futhi ngenkathi bebone uIsrayeli, umfowabo ohlengiwe, eza.

<sup>204</sup> Babengabaqavile. Babeyihlelo elikhulu. UIsrayeli wayengenahlelo; wayehlala nje emathendeni futhi noma yikuphi lapho oya khona. Kodwa uMowabi wayenezikhulu, amakhosi, kanjalonjalo. Futhi babenoBalami enhla lapho, u—umprofethi wamanga. Futhi babenakho konke lokhu. Base-ke behlela lapho ukuba baqalekise umfowabo omncane owayesendleleni eya ezweni elithenjisiweyo, eya esithembisweni sakhe.

<sup>205</sup> Futhi wahamba futhi wabacela, “Ngingedlula ezweni lenu na? Uma amankomazi ami ephuza amanzi, ngiyokukhokhela. Uma ekhotha utshani, siyobukhokhela.”

<sup>206</sup> Wathi, “Qhabo. Awubambi-mvuselelo enjalo ngapha. Kunjalo. Awubambi noma yini enjalo ngapha.”

<sup>207</sup> Bese-ke nibhekisisa akwenzile. Ubuya ngqo esimweni sikaJezibele, futhi wehla ngalowomprofethi wamanga, futhi wabangela abantwana bakaNkulunkulu ukuba baduke. Futhi bashade nabesifazane abangamaMowabi kwa—kwaIsrayeli, futhi babangela ukuphinga.

<sup>208</sup> Futhi wenza into efanayo, kulowonyaka ofanayo, ohambweni, endleleni eya eZweni elithenjisiweyo, sikuyo. Wenzani na? Umprofethi wamanga ufika ujika ngqo futhi waganwa, wayesebizelwa ebandleni lamaProtestane, wayesebangela amahlelo, khona impela nje abakwenza emuva lapho. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.]

<sup>209</sup> Kodwa uIsrayeli omdadlana waya ngqo phambili, okufanayo. Wahamba ngomzila ehlane isikhathi eside, nazo zonke lezozilwi ezindala zadingeka zife, kodwa waqhubeka ngqo wayongena ezweni elithenjisiweyo. Ya. Yebo. Babhekisiseni

bonke behlomile, ngaphambi nje kokuba bawele iJordani. Ha-ha! Ngiyakuthanda lokho. Manje sehlela kulowonyaka ngqo manje, lapha manje. Qaphelani.

<sup>210</sup> Manje siyathola, ukuthi, isikhathi, eyokugcina (ngishilo) iminyaka emithathu nengxenywe eyodwa yamasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli.

<sup>211</sup> Ake ngikuchaze lokho ngokusondele kakhudlwana manje, ngoba ngibona omunye umuntu lapha ohlala njalo ekubhekisisa lokho, futhi ngi—ngifuna ukuzama ukuzicacisa mina; uthisha.

<sup>212</sup> Qaphelani ngenkathi kungena amasonto angamashumi ayisikhombisa. Ngenkathi uDanyeli ebone umbono wesikhathi siza, nokuphela kwamaJuda, kodwa wathi kwakunqunyelwe amasonto angamashumi ayisikhombisa. Lokho yiminyaka eyisikhombisa; phakathi kwayo, ngani, uMesiya uyoba lapha, noma, futhi anqunywe, ukuba ngumhlatshelo. Manje, yilokho impela okwenzekile.

<sup>213</sup> Manje-ke, uNkulunkulu wasebenzana nabeZizwe baze bakhiphela abantu iGama laKhe. Kothi nje iBandla labeZizwe lingakhishwa, Wenyuse iBandla.

<sup>214</sup> Futhi ngenkathi Ekwenza, intombi elele, ibandla qobo lwalo. . . UMlobokazi wenyuka. Nebandla qobo lwalo lafakwa “ebumnyameni obungaphandle, lapho okukhona ukukhala, nokulila, nokugedla amazinyo.” Ngesikhathi esifanayo, ukuHlupheka kwehlela phezu kwalabobantu.

<sup>215</sup> Futhi ngenkathi ukuHlupheka kusehla, phakathi lapho kufika lababaprofethi ababili beSambulo 11, ukushumayela iVangeli kubo. Futhi bashumayela inkulungwane, ikhulu. . . nezinsuku ezingamashumi ayisithupha. Niyabo? Awu, yilokho impela, nezinsuku ezingamashumi amathathu enyangeni njengoba ikhalenda yangempela inazo, yiminyaka emithathu nengxenywe eyodwa impela. Leyo yingxenywe yamashumi ayisikhombisa kaDanyeli, ingxenywe yokugcina yesonto lamashumi ayisikhombisa. Niyabo?

UNkulunkulu akakasebenzani noIsrayeli phakathi lapha. Qhabo, mnumzane.

<sup>216</sup> Umfowethu wangibuza, kungekudala, wathi, “Ngingaya yini e. . .” U—umfowethu lapha ebandleni, oligugu, umfowethu othandekayo, wathi, “Ngi—ngifuna ukuya kwaIsrayeli. Ngikholwa ukuthi kunokuphaphama.”

<sup>217</sup> Omunye wathi kimi, “Mfowethu Branham, ubufanele uye kwaIsrayeli khona manje. Bebezokubona.” Niyabo, ungeke wakwenza.

Ngama khona lapho, ngase ngicabanga. . .

<sup>218</sup> LawomaJuda athi, “Uma ngi. . .Awu, uma lokhu kuba njalo, uJesu eba ngu—eba nguMesiya,” wathi, “angiMbone enza

isibonakaliso somprofethi. Sizobakholwa abaprofethi bethu, ngoba yilokho aba—abafanele babe yikho.”

219 “Ukuhleleka kahle kanje pho,” ngacabanga. “Nakhu ngihamba!” Sengifika lapho ngqo, ngisondele impela kukho, impela. . . Ngangi, awu, ngangiseCairo. Futhi ngangiphethe ithikithi lami ngesandla, eliya kwaIsrayeli. Ngase ngithi, “Mina, ngizohamba, ngibone ukuthi ngabe bayakubuza yini lokho, ukuthi bangasibona yini isibonakaliso somprofethi. Sizobona ukuthi ngabe bazomemukela yini uKristu.”

220 ULewi Pethrus, webandla iStockholm, wawathumelela isigidi seBhayibheli.

221 NalawomaJuda engena lapho! Nisibonile isithombe. Nginakho efilimini eyisonjwana, emuva lapha ngqo manje, *Imizuzu emiThathu Kushaye iPhakathi nobusuku*. NalawomaJuda engena, evela emhlabeni wonke, ndawo zonke, aqala ukubuthana phakathi laphaya.

222 Emva kokuba iNgilandi yayisingene lapho, ngesikhathi sikaGeneral Allenby. Eku*Dambeni kweMpi yoMhlaba*, emqulwini wesibili, ngicabanga ukuthi yiwo. Futhi bazinikela, amaTeki azinikela. Wayese-ke elibuyisela kuIsrayeli. Futhi kade ekhula njengesizwe, futhi manje useyisizwe esiphelele: imali yakhe uqobo, uhlamvu lwemali, iflege, umbutho, nayo yonke enye into. Niyabo?

223 NalamaJuda, ebuyela ezweni lendabuko, aye. . . Into yokuqala, ngenkathi behlela eIran, nasezansi phakathi lapho, ukuwalanda, abuza. . . Athi u. . . Bafuna bona bawabuyisele kwaIsrayeli, bawanika indawo yawo; bawathathe bawabuyisele ezweni lawo, ePalastine, lapho afanele ukuba khona.

224 Futhi, khumbulani, inqobo nje uma uIsrayeli engaphandle kwalelozwe, ungaphandle kwentando kaNkulunkulu; njengoAbrahama, elanikwa yena. Futhi ngenkathi. . .

225 Ayengafuni ukugibela leyondiza. Ayengakaze ayibone noma yini into enjalo. Kwakukhona uRabi omdala owehla lapho, wathi, “Umprofethi wethu wasitshela, ukuthi, nxa uIsrayeli eya ekhaya, kuyoba ‘semaphikweni okhozi,’” endizeni, indlela eya ekhaya.

226 Nango ulapho manje, uyakha. Umkhiwane ubuyisela! Amen! Inkanyezi endala emicijo-eyisithupha kaDavide ibhebezela!

227 “Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo!” Isikhathi sokuHlupheka sesiseduze ngqo!

228 Futhi ngimi khona lapha, neziMpawu zivulwa, iBandla selilungele ukuba Lindizele emoyeni!

229 NokuHlupheka kwangena, bese-ke uNkulunkulu eyehla bese edonsa izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane azikhiphe lapho. Amen! Lapho, o, kuphelele! Niyabona lapho iziMpawu zikukhiphela khona manje, niyabo, lukuvula

na? Manje, lokhu yiminyaka emithathu nengxenywe yokugcina kubantu. Futhi, uma niqaphela, sekuyisikhathi sokuthi uNkulunkulu uzobiza lawomaJuda ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, kulo iminyaka emithathu nengxenywe eyodwa yokugcina.

<sup>230</sup> Niyabo, Akakasebenzani nawo, nhlobo. Abengakabi naye umprofethi. Angeke akholwa lutho olunye kodwa umprofethi. Awuwenzi izithutha. Ngakho, azozwa umprofethi, yebo, mnumzane, futhi yilokho kuphela. Lokho, uNkulunkulu wawatshela lokho ekuqaleni, futhi ahlala nakho ngqo.

<sup>231</sup> Wathi, “INkosi uNkulunkulu wenu iyovusa umProfethi phakathi kwenu, njengami.” UMose washo lokho. Wayesethi, “Yena niyakumuzwa. Futhi noma ubani ongayikumuzwa lowomProfethi, uyakunqunywa kubantu.” Kunjalo.

<sup>232</sup> Futhi, niyabo, amehlo abo adingeka aphuphuthekiswe, kungenjalo babeyoMqonda. Esikhundleni salokho, bephuphuthekisiwe, babe... Lokho kwadedela uSathane abathole, futhi bathi, “Ungumbhuli, uBelzabule. IGazi laKhe malibe phezu kwethu. Siyazi ukuthi akukho lutho kuYe.” Niyabo?

<sup>233</sup> Nabantu bandla waphuphuthekiswa. Yingalesosizathu iqembu likaEichmann nalolonke leloqembu labulawa ngokucekwa emuva lapho. Babenelungelo lokungena; uYise uqobo wadingeka aphuphuthekise amehlo abo ukuze Akwazi ukuthatha thina.

<sup>234</sup> Leyo yinto elethelana umunyu kakhulu emiBhalweni, cishe. Cabangani nje ngalapho, amaJuda, ebiza iGazi likaYise uqobo, uNkulunkulu wabo uqobo elenga laphaya, opha. Bukani, “BaMbethela khona,” iBhayibheli lasho. Lokho ngamane amagama amakhulu kunawo onke. Bukani. “Khona,” iJerusalema, umuzi ongcewele kunayo yonke emhlabeni. “Ba,” abantu abangcewele kunabo bonke emhlabeni. “Bethela,” ukufa okunonya ukwedlula konke emhlabeni. “Yena,” uMuntu osemqoka kunabo bonke emhlabeni. Niyabo? Ngani? Abantu abakhohwayo, inkolo enkulu kunazo zonke emhlabeni, inkolo yeqiniso kuphela emhlabeni, yayimi lapho, ibethela yena impela uNkulunkulu iBhayibheli labo elalithe wayezofika.

<sup>235</sup> Abakubonanga ngani na? IBhayibheli lisitshela ukuthi uNkulunkulu wabaphuphuthekisa ukuze bangakwazi ukukubona. Ba... Wathi, “Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na?” Ngamany’amazwi, “Uma Ngingenzanga khona impela okubikezelwa ngaMi ukukwenza, khona-ke Ngitssheleni.” Isono “ngukungakholwa.” Wenze khona iPela uNkulunkulu aMtshele khona, kodwa abakwazanga ukukubona.

<sup>236</sup> Manje uma ukhuluma kubantu, kufana nje nokuphosa amanzi emhlane wedada. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Kuyinto edabukisayo, nxa nibona lesi izizwe nabantu,



indlela abenza ngayo, bayisitashi kakhulu nenkolo! Kodwa uMoya oNgcwele awusitsheli yini lokho na? “Bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle. Babezoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bawaphike Amandla eVangeli.” Wathi, “Labo-ke, wobagwema.”

<sup>237</sup> Nakho lapho esikhona, laba bamahlelo bayaLisonta. Bathatha yonke inkazimulo naMandla, baWabeke emuva nabaphostoli, nawo onke amanye aWo ngale esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kufana nomuntu nje, njengoba ngishilo ngaphambili; umuntu njalo unika uNkulunkulu udumo ngalokho Akwenzile, ebheke phambili kulokho Ayokwenza, futhi benganaki lokho Akwenzayo khona manje. Lokho kunjalo impela. Umuntu usalokhu efana.

<sup>238</sup> KwakunalawomaJuda emi lapho, ethi, “Udumo kuNkulunkulu! Ngani,” esahlukweni 6 sikaJohane oNgcwele, athi, “obaba bethu badla imana ehlane!”

Wayesethi uJesu, “Bona, bonke, bafile.”

<sup>239</sup> “Baphuza amanzi eDwaleni ehlane, nayo yonke into.”

<sup>240</sup> Wathi, “NgiyilelDwala.” Kunjalo. Amen. Wathi, “Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini, lowoMuthi wokuPhila wase-Edene emuva ngaleya. Uma umuntu edla lesiSinkwa, akayikufa; Ngiyakumvusa ngemihla yokuphela.” Futhi noma kunjalo abakwazanga ukukubona! Kunjalo.

<sup>241</sup> Yena impela uMesiya emi lapho, ekhuluma wona impela amazwi enhliziyi yabo, nezinto ezinjalo, ekhombisa ukuthi WayenguMesiya, lokho nje uMesiya ayefanele ukukwenza!

<sup>242</sup> Nawo emi lapho nezandla zawo zingemuva kwawo, futhi, “Ha! Kungeke kwenzeka. Qhabo, qhabo. A—A—Akafikanga ngomgudu ofanele. Niyabo, Uphuma eBetlehem. Futhi A—Akalutho kodwa umntwana ozalwe ngaphandle komshado. Nalowo ngudeveli esebenza kuYe. Si—siyazi Usangene. Uyahlanya. Unodeveli.” Niyabo? Amehlo abo empeleni ayephuphuthekisiwe kulokho, manje.

<sup>243</sup> Kodwa abheke umprofethi wawo. Futhi azokwemukela, azobemukela bobabili. Kunjalo.

<sup>244</sup> Manje qaphelani, futhi, manje, kanti, nxa lamaJuda... Ngizoninika esinye isifanekiselo esincane, ukuze niqonde ukuthi ngamaJuda ngapha manje, ngakululuhlangothi loHlwitho. Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Kufanekiselwe futhi... Asizukuthatha isikhathi ukuba sikwenze, ngoba siphuma sigijima—sigijima lapha. Futhi kufanekisele e...kulokho okubizwa nge “nkathazo kaJakobe.” Manje bukani. LamaJuda lapha line... Qaphelani. O, kuyi... .

245 Ngi—ngi—ngizothatha nje esincane sesikhashanyana lapha, niyabo. Kungenza ngibe novalo uma ngiqala ukweqa ngijike kanjalo. Futhi . . . Niyabo? Qaphelani. Ngifuna nikubone. Futhi ngi—ngi—ngivele nje . . . Awu, uNkulunkulu uzonikhombisa khona, ngineqiniso. Bukani.

246 UJakobe wayenobuzibulo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kodwa impela wayengumkhohlisi omncane ngabo. Niyabo? Wehla wayesekhohlisa uyise. Wakhohlisa umfowabo. Wenze yonke into. Kodwa, nokho, ngokomthetho, kwehle njalo, wayenabo, ngoba uEsawu wayebuthengisile. Kodwa—ke nxa ehlela lapho ukuyosebenzela umkhwe wakhe, wafaka lezozinti zompopula emanzini, ukwenza lezozinkomo ezimithi nezinto zizale amankonyane amanakanaka. Futhi, o, nazi zonke izinto azenzile kanjalo, nje uku—ukuzuza imali. Manje bhekisisani, manje. Waxoshwa kubantu bakubo.

247 Manje, wuhlobo lomJuda manje. Ungumhlwathi wemali. Angikhathali ukuthi uyithola kanjani, uyoyithola. Uyokuhlinza uphila, ukuze ayithole. Manje, niyakwazi lokho. Ungumkhohlisi omncane, yilokho kuphela. Mfana, ungasebenzani naye; u—uyokuthola, mfana. Yebo, mnumzane. Ngani na? Uzofanele abe yilokho. Yilolohlobo lomoya olubusayo.

248 Impela nje njengalabo baguquli, babengenakuliqonda leliZwi, ngoba lowo kwakungumoya womuntu othunyelelwe bona.

249 Ngunyaka wokhozi othola iZwi nesambulo. Wonke lowo okuqondayo lokho, phakamisani izandla zenu, ukuze ngi . . . Lokho kuhle. Lokho kukahle. Niyabo? Lokho kuhle. Manje, niyabo, uma ningabuyela lapha phansi kwaleziziMpawu, uma Zize zithole . . . Uma Zivulwa, ningabona impela ukuthi uNkulunkulu wenzani, Akwenzile, Azokwenza. Nakhu, impela.

250 Futhi yingalesosizathu amadoda aziphatha ngaleyondlela, ngoba lowo ngumoya obikezelelwe lowonyaka, ukuba ube kuwo. Akukho okunye ayengakwenza.

251 Ngicabanga ngoJohane, uPawulu, nabo, lowoMoya wengonyama lapho, i n-g-o-n-y-a-m-a imi lapho, iZwi qobo lwaLo.

252 UPawulu wama ngqo naleloZwi, wayesethi, “Ngiyazi lokhu, ukuthi kuyobakhona abazalwane bamanga abavukayo phakathi kwenu, abahambahambayo. Nalokho abayokwenza, amahlelo nayo yonke enye into, phakathi kwenu, nabayokwenza. Futhi kuyoqhubeka kuze kuyofika ezinsukwini zokugcina, nesikhathi esesabekayo.” Ngani na? Wayengumprofethi. Nakho kumi leloZwi likuye. Ukuthi lalizophetha kanjani, kude laphaya; wathi, “Amadoda amanga phakathi kwakho ayovuka, futhi ekhuluma izinto, bese ehosha abazalwane abangabafundi.” Lowo ngumphikukristu impela. Kwenza lokho impela nje.

253 Qaphelani emva kokuba sebehambe bayongena onyakeni wesikhathi sobumnyama sokuhlupheka. Kwakuyini na? Kwakungekho-lutho ababengalwenza. IRoma yayiphethe... Wayenamandla ezenkolo, futhi wayenamandla ezombusazwe. Yayingekho into ababengayenza, kodwa nje ukusebenza ngokushikashikeka ukuba bahlale bephila, futhi bazinikele babe ngumhlatshele. Kwakuyinkabi. Yilokho kuphela ababengakwenza. Yilohlobo loMoya ababenalo, uMoya kaNkulunkulu, inkabi.

254 Manje-ke, naku kufika abaguquli, inhloko yomuntu, ohlakaniphe okobuqili, ohlakaniphile; uMartin Luther, uJohn Wesley, kanjalonjalo, uCalvin, uFinney, uKnox, bonke abanye babo. Nampa bephuma, futhi, ngenkathi benza, babengabaguquli. Bayaphuma, beguqula, bekhapha abantu.

255 Futhi bajika babuyela ngqo, impela njengoba benza emuva lapho, futhi bagana babuyela khona emuva ngqo kulo futhi, enqubweni yabo yobuhlelo, khona impela nje. IBhayibheli lasho njalo. Laliyisi “febekazi,” kwase kuthi-ke laline “zifebe,” amadodakazi, impela nje.

256 UNkulunkulu wayesethi, “Ngi—Ngimnika isikhathi sokuphenduka, futhi akakwenzanga. Ngakho Ngizomthatha nabantwana bakhe abazalayo, ngibaxoshele laphaya lapho abangabakhona.” Yilokho impela. Manje, lokho, uNkulunkulu washo lokho, phansi kwalokhu, niyabo, phansi koPhawu. Manje, wayelapho. Sithola ukuthi Uyakwenza lokho, futhi Uyokwenza. Futhi bona, bonke, baholela kuleyondlela.

257 Kodwa, kubo bonke abamagama abo aseNewadini yokuPhila, uNkulunkulu uyobabiza. BayoLizwa. “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi,” uJesu washo. Into kuphela esifanele siyenze ngukwenza ubizo lwezimvu. Izimbuzi aziLazi. Qaphelani. Kodwa, niyabo, ubizo lwezimvu, “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.” Ngani? Yini iPhimbo na? Ngifuna ukunithshela ukuthi iPhimbo liyini. IPhimbo liyisi—sibonakaliso sokomoya.

258 Wathi kuMose, “Uma bengayikulizwa iPhimbo lesibonakaliso sokuqala, bayolizwa iPhimbo lesibonakaliso sesibili.”

259 “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.” Nxa lezizinto zifanele ukwenzeka ngezinsuku zokugcina, izimvu zikaNkulunkulu ziyakuqonda Lokho. Yebo, mnumzane. Niyabo? Zi—ziyaLiqonda. “Izimvu zaMi ziyaNgazi.” Niyabo? “Umfokazi azisoze zamlandela.” Azibalandeli abafokazi. Kuzofanele kube yisibonakaliso sosuku esiqinisekisiwe, futhi ziyaLibona. Manje, manje qaphelani.

260 Manje, uJakobe, njengoba ekhuphuka manje, into yokuqala niyazi, unokulangazelela ukuba ahambe (kuphi na?) abuyele ezweni lendabuko.

261 O, yilokho impela uIsrayeli akwenzile! Lokho yi—lokho yi...Lowo nguIsrayeli. UJakobe unguIsrayeli. Wabanokushintshwa kwegama lakhe nje, niyazi. Niyabo? Futhi u...

262 Waphuma lapho, wayesethatha yonke imali ayenayo, futhi ayengayithola, wayeseyithatha noma ngayiphi indlela ayengayithatha ngayo, ezihlotsheni zakhe kumbe kunoma ubani omunye. Ngakho, ukukhohlisa, ukweba, ukuqamba amanga, noma yiyiphi indlela ayengayithola ngayo, wayithola. Niyabo? Wakwenza.

263 Kwase kuthi-ke ngenkathi eseqala ukubuyela ekhaya, wathola ukuzizwela ukukhumbula ekhaya enhliziyweni yakhe. Kodwa lapho eqala ukubuyela emuva, endleleni yakhe ebuyela emuva, wahlangana noNkulunkulu, kwase kuthi-igama lakhe lashintshwa. Niyabo? Kodwa, ngalesisikhathi, wayekhandleke kakhulu, ngoba wayesaba ukuthi uEsawu wayemlandela. Niyabo?

264 Futhi—futhi bhekisisani, bhekisisani imali, isiphakamiso semali. NjengeJuda nje liyozama lenza lesisivumelwano ne—neRoma, niyabo, esiphakamisweni sabo semali. Iqapheleni. Ukuthi uEsawu wayengayidingi imali yakhe; kanjalo neRoma. Inomcebo womhlaba esandleni sayo. Niyabo? Kodwa ayisebenzanga.

265 Kodwa siyathola manje, ukuthi uIsrayeli, ngalesosikhathi senkathazo, ngenkathi wayenguJakobe, wabambana no...lokho kwabamba Into ethize eyayingeyangempela. KwakunoMuntu owehlayo. UJakobe waMgaxa ngengalo yakhe, futhi wahlala lapho. Futhi u—futhi u—uMfo wathi, “Ngifanele ngihambe manje. Sekuyasa.” O, lokho kusa kosuku! Niyabo? Kwase kulungela ukusa.

266 Kodwa uJakobe wathi, “A—angizukuKuyeka. Wena, Ungeke uhambe. Ngizohlala naWe ngqo.” Niyabo? “Ngifuna izinto zishintshwe lapha.”

267 Lezo yilezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, lesosigejane esiceba imali, nezinto ezinjalo, uma bebona eyeqiniso, into yangoqobo ukuyibamba. Nakho kuma uMose, futhi nakho kuma uElija. Amen! Bayobambana noNkulunkulu kuze kuthi izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane zezizwe zakwaIsrayeli zibizelwe ngaphandle khona lapho.

268 Lokho nje kungaphambi kwesikhathi sokuHlupheka, niyabo, (o kumangalisa kanjani) futhi, “inkathazo kaJakobe.”

269 Lapha kungenkathi izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ibizelwa khona ngaphandle. Bona, a—abashumayeli, labobaprofethi ababili, bashumayela njengoJohane umBhaphathizi. “UMbuso weZulu ususondele. Phendukani, Israyeli!” Phendukani ini na? “Phendukani

ezonweni zenu, ukungakholwa kwenu, futhi niphenduke nibuyele kuNkulunkulu!”

270 Manje asikhumbule into ethize lapha. Lezizenzeko ezinkulu, emvelweni, kwenzekile ngaphambili. Kulelivesi 12 lapha, niyabo, “Ilanga laba-mnyama njengendwangu yesaka loboya.” Manje qhathanisani lokhu.

271 Manje, khumbulani, lokho akwenzeki koweZizwe. NguIsrayeli. Ake nginikhombise. Manje, khumbulani, ngithe kubizela ngaphandle izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane. Niyabo? Lesisikhathi manje, kungenkathi ukuHlupheka, okuzokwenza. Nalokhu kuyakusho okwenzekayo kulokhu ukuHlupheka.

272 Manje asiphenye kuEksodusi 10:21-23. Futhi bhekisisani lapha lapho... UEksodusi ungenkathi, kusobala, uIsrayeli wayephuma, ezokhishwa. UEksodusi, isahluko 10, nelama 21, ivesi 23. Ngixhuxhuma kakhulu futhi ngimemeza, uma ngibhala lamanothi phansi, ukuthi ngezinye izikhathi ngingahle ngiwaxove. Kulungile, uEksodusi 10:21-23. Kulungile, nakhu la esiya khona, 21 nelama 23.

*INKOSI yayisithi kuMose, Yelula isandla sakho ngasezulwini, ukuba kube-khona ubumnyama ezweni laseGibhithe, ngisho ubumnyama obuphatheka ngesandla.*

*UMose wayeselula isandla sakhe ngasezulwini; kwaba-khona isigayegaye esinzima ezweni lonke laseGibhithe izinsuku ezintathu: (Niyabo?)*

*Manje, ababonanga, akusukumanga-muntu endaweni yakhe izinsuku zaze zaba-ntathu: kepha... abantwana bakwaIsrayeli kwakukhona ukukhanya emakhaya abo.*

273 Qaphelani, impela nje, manje uze ngapha, “Nelanga laba-mnyama njengendwangu yesaka.” Niyabo, into efanayo! Lezizenzeko zemvelo, kwakuyini na? Ini? Nxa imvelo yenzeka kanje, kade kunguNkulunkulu ebiza uIsrayeli. Niyabo? UNkulunkulu ubizela ngaphandle uIsrayeli. Manje, “Ilanga laba-mnyama njenge...boya.” Manje, uNkulunkulu wayesezokhulula uIsrayeli lapho, kulungile, abakhiphe esandleni sesitha sabo, okwakuyiGibhithe, ngalesosikhathi. Manje, lapha, Ubakhipha esandleni samaRoma, lapho ababenze isivumelwano sabo. Kwenzeka into efanayo. Lezo yizinhlupho, i—isikhathi lapho le izinhlupho ziyobiza khona.

274 Kuyohlupha leliqembu labeZizwe. Ukuba besinesikhathi, bengingakhombisa ukuthi kuzokwenzekani kulelobandla labeZizwe.

275 IBhayibheli lasho, ukuthi, “U—udrako, uSathane, wayenolaka (lokho ngukuthi, ukuthukuthela) kowesifazane

(umJuda, uIsrayeli), futhi wakhwifa amanzi emlonyeni wakhe, ugqinsi nezixuku zabantu, ezaya ukuyolwa nensali yenzalo yowesifazane.” ISambulo 13. Manje, niyabona lapho, sinakho lokho. Futhi lokho kungenkathi uIsrayeli emthumela... ngiqonde ukuthi, iRoma limthumela impi emva kwensali, insali yenzalo yowesifazane.

<sup>276</sup> Manje bhekisisani. Isikhathi sokuqala, izandla zesitha sabo, ngenkathi Wayebakhulula ebakhipha, ilanga laphenduka isack-...mnyama njengendwangu yesaka. Manje, lokhu ngokwesibili, ukuphela kwesikhathi sokuHlupheka.

<sup>277</sup> Manje, kuDanyeli 12. Ukuba besinesikhathi, besingakufunda. KuDanyeli, ele 12—ivesi 12...isahluko 12, njalo. UDanyeli wathi, “Wonke owafunyanwa elotshiwe eNcwadini wayezokhululwa.” Manje, khumbulani, uDanyeli manje ukhuluma ngalesisikhathi ngenkathi lezi...lento ifanele yenzeke, ngenkathi uIsrayeli ezokhululwa, ngenkathi u—ukuphela kwesonto labo lamashumi ayisikhombisa. Futhi lokho kungenkathi befanele ukukhululwa. Manje bukani. Asifinyelele kuDanyeli 12 lapha, umzuzu nje.

*Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuma, isikhulu esiqhamileyo esamela abantwana...a—abantwana babantu bakho (niyabo, lowo ngamaJuda): kuyakuba-yi...sokuhlupheka, e...singazange sibe-khona selokhu kwabakhona isizwe kuze kube yilesosikhathi:...*

<sup>278</sup> Manje qhathanisani lokho, khona impela okwashiwo nguJesu, uMathewu 24, “Kuyakuba-yisikhathi sokuhlupheka esingakaze sibe-khona selokhu kwabakhona isizwe.” Bukani uPhawu lwesiThupha, niyabo, into efanayo, isikhathi sokuhlupheka. Qaphelani.

*...selokhu kwaba-khona isizwe kuze kube yilesosikhathi: futhi ngalesosikhathi abantu bakho... (Manje, kuleli lamashumi ayisikhombisa, ingxenye yokugcina yonyaka wesikhombisa)...abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwadini.*

<sup>279</sup> Abamiselwe ngaphambili, niyabo, olotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, uyakukhululwa ngalesosikhathi.

*Abaningi balabo abalele othulini lomhlabathi bayakuvuka, futhi abanye bavukele ukuphila okuphakade, nabanye ihlazo laphakade nokunengwa.*

Manje, bese kuthi-ke abahlakaniphile bayakukhanya njengokukhazimula kwezibhakabhaka; na—nabaphendulela abaningi ekulungeni bayakukhanya njengezinkanyezi kuze kube-phakade naphakade.

280 Lokho, wayeseqhubeka-ke, watshela uDanyeli ukuba “avale iNcwadi,” ngokuba uyakuphumula esabelweni sakhe kuze kube yilesosikhathi.

281 Manje, niyabo, akwenzi-kwehluka noma uyaphila noma uyafa. Uyavuka, empeleni. Niyabo? Aku...Lokho, ukufa, akulutho kumKristu. Akafi, empeleni. Niyabo?

282 Manje, uDanyeli 12, washo ukuthi wonke umuntu owafunyanwa elotshiwe eNcwadini wayeyokhululwa.

283 Lapha, uNkulunkulu usezokhulula indodana yaKhe yesibili, uIsrayeli, emva kokuHlupheka. Niyabo, okwesibili, uIsrayeli, yaKhe...UIsrayeli uyindodana yaKhe. Niyakwazi lokho. UIsrayeli uyindodana kaNkulunkulu, ngakho Uzoyikhulula lapha ngesikhathi sokuHlupheka, ngayo impela indlela Ayenza ezansi eGibhithe.

284 Manje asime lapha, futhi, futhi—futhi sithole enye into, ngakho, ngaphambi kokuba sikulethe sikungenise ekhaya. Manje bhekisani lapha. Lababaprofethi ababili, bukani ukuthi bazokwenzani manje, njengoba nje kwenza uMose nabo ezansi lapho. “Futhi nganikwa umhlanga...” Nevesi 3 lesahluko 11.

*Futhi ngiyakubanika ofakazi bami ababili, ukuba baprofethe izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha, bembethe indwangu yamasaka.*

*Laba bayiminqumo emibili,...*

285 Niyakukhumbula lokho, noZerubabele, kanjalokanjalo, wayezophinda akhe ithempeli.

*...nezinti zezibani ezimbili ezimi phambi kukaNkulunkulu womhlaba.*

*...uma kukhona...owona laba, kuphuma umlilo emlonyeni wabo,...*

286 Khumbulani, emlonyeni kaKristu kuphuma inkemba, iZwi.

*...dla izitha zawo: futhi uma kukhona ofuna ukona laba, kumelwe ukuba abulawe kanjalo.*

287 Manje, siyazi, u “mlilo.” Esahlukweni 19, sokuFika kukaKristu, “kwaphuma inkemba yaKhe emlonyeni waKhe,” okwakuyiZwi. Kunjalo na? IZwi! O, uma nizothola lempahla manje, okwaloloPhawu kusasa ebusuku! Niyabo, iZwi liyinto uNkulunkulu abulala ngayo isitha saKhe. Niyabo?

288 Manje bukani lapha. Nxa lababaprofethi beprofetha lapho, ba...Uma umuntu ebaphatha kabi, ebalimaza: “kuphuma umlilo emlonyeni wabo,” Umlilo kaMoya oNgcwele, iZwi. IZwi linguNkulunkulu. IZwi linguMlilo. IZwi linguMoya. Niyabo? “Liphuma emlonyeni wabo.”

289 Bukani uMose. Ake sibone ukuthi kuvelani emlonyeni wakhe. Bona, uIsrayeli, wafinyelela e, indlela ababenza ngayo

lapho, i—i...ngiqonde ukuthi, iGibhithe, babephatha kabi lamaJuda. UMose...Awu, abawavumelanga ahambe. UFaro akabavumelanga. UNkulunkulu wafaka amazwi emlonyeni kaMose. Niyabo, yimicabango kaNkulunkulu iyongena enhliziyweni kaMose; uyawela manje ukuwuzwakalisa, beseke uba yiZwi. Welula isandla sakhe, wathi, “Makube khona izibawu,” futhi nakhu kufika izibawu. Bukani lapha.

*Futhi uma kukhona owona laba, kuphuma umlilo emlonyeni wabo, futhi udla isitha zabo: . . .*

290 Niyabo? Nakho. Bangakhuluma abafuna ukukukhuluma, futhi kwenzeka lapho. Amen!

*. . . futhi uma kukhona . . . wona laba, bamelwe ukuba abulawe kanjalo.*

291 Mfowethu, uNkulunkulu ugibela enkundleni lapha!

*Banamandla oku—mandla okuvala amazulu, ukuba lingani ngezinsuku zokuprofetha kwabo: . . .*

292 UEliza, uyazi ukuthi kwenziwa kanjani; ukwenzile ngaphambili. Amen! UMose uyazi ukuthi kwenziwa kanjani; ukwenzile ngaphambili. Yingalesosizathu babegcinwe emuva. Manje... Amen!

293 Bengingasho into enhle kakhulu kabi khona lapha, kodwa kungcono—kungcono ngikubambe kuze kube kusasa ebusuku. Niyabo? Kulungile.

*. . . banamandla phezu kwamanzi okuwaphendula igazi, nawokushaya umhlaba . . . ngezinhlupho, noma kungaba-kangaki ngokuthanda kwabo.*

294 Kuyini na? Yini engaletha lezizinto ngaphandle kweZwi na? Bangenza noma yini abafuna ukuyenza ngemvelo. Nakhu. Yibo abaletha loluPhawu lwesiThupha. Basusa isimbozo futhi bayaluvula gembeqe. Amandla kaNkulunkulu, ukuphazamisa imvelo. Niyabo, uPhawu lwesiThupha lungukuphazamiseka kwemvelo ngokupheleleyo. Seniyakuthola manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nanto uPhawu lwakho. Ubani okwenzayo na? Ngabaprofethi, olunye uhlangothi loHlwitho. Ngamandla kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, balahla imvelo ngecala nje. Bangathumela ukuzamazama komhlaba okuningi, baphendule inyanga ibe yigazi, ilanga lingashona, kumbe noma yini, ngokuyala kwabo. Amen!

295 Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. Niyabo? Niyabona ukuthi iziMpawu zivulwa kanjani, ezansi lapho onyakeni webandla, ukuthi lwakhombisa kanjani abafelukholo na?

296 Futhi manje nampa lababaprofethi ababili bemi lapha neZwi likaNkulunkulu, ukwenza noma yini emvelweni abafuna ukuyenza. Futhi bazamazamisa umhlaba. Futhi kukhombisa impela ukuthi ubani okwenzayo. NguMose noEliza, ngoba nanso



inkonzo yabo iphinde yafaniswa futhi, ngamadoda omabili. O, he! Seniyakubona manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabona ukuthi uPhawu lwesiThupha luyini na? Luyilabo baprofethi. Manje qaphelani. Ningakuvumeli kunethuse. Kodwa, bhekisisani ukuthi yini eyavula loloPhawu, abaprofethi! Niyabo? Whewu! Amen! Nakho lapho okhona.

<sup>297</sup> O, siphila osukwini lokhozi, mfowethu, ikhanda liphezulu phakathi kwamafu!

<sup>298</sup> Bavula loloPhawu lwesiThupha. Banamandla okukwenza. Amen! Nanto uPhawu lwakho lwesiThupha luza luvuleka. Niyabo?

<sup>299</sup> Manje siqathaka sibuyela ngqo emuva lapha, noJesu wakukhuluma ukuthi kwakuzokwenzeka. Kude emuva ngaleya eTestamenteni eLidala, emuva kuHezekeli, emuva kubaprofethi abadala, bakhuluma ukuthi kwakuzokwenzeka.

<sup>300</sup> Futhi lapha uPhawu lwesiThupha luyavulwa, futhi bathi, “Awu, leyo yinto eyimfihlakalo. Yenziwa yini na?”

<sup>301</sup> Nansi imfihlakalo yakho, abaprofethi, ngoba iBhayibheli lashi njalo lapha. Bangayivula, noma ngasiphi isikhathi aba . . . Bangenza noma yini emvelweni abafuna ukuyenza. Futhi benza into efanayo abayenzayo, amen, ngoba bayazi ukuthi yenziwa kanjani. Amen! Udumo!

<sup>302</sup> Ngenkathi sengikubonile lokho, ngavele nje ngasukuma ngaphuma esihlalweni futhi ngaqala ukuhamba ngehla ngenyuka kwiphansi lendlu. Ngacabanga, “Nkosi, ngiKubonga kakhulu, Baba waseZulwini!”

<sup>303</sup> Nakho lapho okukhona. Yilokho-ke. Bavula loloPhawu lwesiThupha. Amen! Babhekisiseni, “Uma ekhona obonayo, kuphuma umlilo emlonyeni wabo,” iZwi. UMoya oNgewele ufika phezu kwabaphostoli, niyabo. “Umlilo waphuma emlonyeni wabo.”

<sup>304</sup> Manje qaphelani ngale eSambulweni 19, sibona into efanayo, “Nenkemba enkulu iphuma emlonyeni waKhe,” iZwi. Niyabo? UkuFika kukaKristu. “Wayesebulala izitha zaKhe ngaYo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje Usendleleni yaKhe. Mbhekisiseni manje. Kulungile.

*Banamandla laba okuvala amazulu, ukuba lingani  
ngezinsuku zokuprofetha kwabo: . . .*

<sup>305</sup> Mfana, lokho ngukuphazamisa imvelo! Manje, ya—yathatha isikhathi esingakanani lendoda, uElija, ukuvala amazulu na? [Ibandla lithi, “Iminyaka emithathu nengxenye eyodwa.”—Umhl.] Nakho lapho okhona, impela. Lide kangakanani elamashumi ayisikhombisa kaDanyeli, ingxenye yokugcina yamasonto angamashumi ayisikhombisa na? [“Iminyaka emithathu nengxenye eyodwa.”] Nakho lapho okhona, impela.

306 Wenzani uMose na? Wa—wa—waphendula a—amanzi aba yigazi. Wenze zonke lezi uhlobo lwezimangaliso, khona impela nje okwabikezelwa lapha phansi kwaloluPhawu lwesiThupha. Futhi nampa, eSambulweni 11, benza yona impela into efanayo. Amen!

307 Kunezindawo ezintathu ezehlukene emiBhalweni, khona lapho, zihlanganisa-thaqa into ndawonye ngqo. Lokho ngukuvulwa koPhawu lwesiThupha. Lukhona khona lapho. Amen! Udumo! Manje qaphelani.

*Banamandla laba okuvala amazulu, ngezinsuku zokuprofetha kwabo, ukuthi aliyikuna: futhi... amandla phezu kwamanzi okuwaphendula igazi... wokushaya umhlaba nge... zinhluho, noma kungabakangaki ngokuthanda kwabo.*

308 O, he! Nakho lapho okhona. Manje phenyani ngqo ngapha ezinhluhweni, niyabo. Yonke imvelo iyaphazamiseka, kuleNhlupho yesiThupha... noma uPhawu lwesiThupha, luvulwa. Yilokho impela okwenzekayo. Manje bukani. I . . .

309 Lapha, uNkulunkulu usezokhulula indodana yaKhe, uIsrayeli, emva kwendlela efanayo yokuhlupheka Enza ngayo ezansi lapho. Wathuma uMose ezansi lapho futhi wakhulula uIsrayeli. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi wenze zona impela lezizinto ezifanayo. Wathumela uElija kuAhabi, nezinkulungwane eziyisikhombisa ziyaphuma. Kunjalo na? [“Amen.”] Ubathumela emuva ngqo ngapha futhi, ngesikhathi sokuHlupheka, futhi ubizela ngaphandle izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane.

310 Manje, niyabo, niyaqaphela, phakathi kwe Revela-. . . noma phakakathi kwesahluko 6, noma iNhlupho yesiThupha... Phawu, ngiyaxolisa, uPhawu lwesiThupha noPhawu lwesiKhombisa. Isahluko 7 seSambulo, ngokwezibalo, kuhlanganiswe ndawonye kahle.

311 Njengoba nje iMelika iyinombolo yeshumi nantathu: izifundazwe eziyishumi nantathu eyaqala ngazo, izinkanyezi eziyishumi nantathu eflegini, amakoloni ayishumi nantathu, imishwe eyishumi nantathu. Yonke into yishumi nantathu, ishumi nantathu. Futhi ibonakala khona lapha esahlukweni 13 seSambulo. Kunjalo. Iyishumi nantathu, nowesifazane.

312 Manje, ngenkathi Esezokhulula iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, eyayingezelwe yodwa yaKhe. UJakobe uyindodana yaKhe; kodwa lena yiNdodana yaKhe ezelwe yodwa. UMathewu 27, ake sibone ukuthi Wenzani lapho. UMathewu, isahluko 27. Manje, khumbulani, iNdodana yaKhe yayikade ishayiwe, futhi yayikade ikhathaziwe, futhi babehlekise ngaYo. Futhi manje Yayisilenga esiphambanweni, ngelesithathu nqo, ngoLwesihlanu lukaGudi ntambama. Seluzokwenzeka nje!

UMathewu, isahluko 27 sikaMathewu, ne—nevesi 45, ngikholwa ukuthi yikho.

*Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba-mnyama emhlabeni wonke kwaze kwaba-yihora lesishiyagalolunye.*

313 Manje qaphelani khona impela nje Akwenzayo emuva lapha manje, kulokhu. Niyabo?

*Ngase ngibona lapho livula uphawu lwesithupha, . . . bheka, kwaba-khona ukuzamazama okukhulu komhlaba; nelanga laba-mnyama njengendwangu yesaka loboya, nenyanga—nenyanga yonke yaba-njengegazi;*

314 Ukuba-mnyama, ubumnyama! IGibhithe; ukuba-mnyama, ubumnyama!

315 UNkulunkulu, ekhulula uJesu esiphambanweni, ngaphambi nje kokuba AMkhuphule ekuvukeni. Kuqala, ubumnyama; ilanga lashona phakathi nemini, nezinkanyezi azangakhanya. Izinsuku ezimbili kusukela ngaleyonkathi, WayezoMvusa ngokunqoba okunamandla.

316 Emva kwelanga, nenyanga, nezinkanyezi, nayo yonke into, eGibhithe, zonke lezi zenzeka, Wakhulula uSrayeli aye ezweni elithenjisiwe.

317 Nakhu, ngesikhathi sokuHlupheka, futhi nakhu kumi labobaprofethi kulowo onokulawula kweZwi uNkulunkulu alinika bona. Bangakhuluma kuphela njengoba uNkulunkulu ebanika iZwi.

318 Manje, abasibo onkulunkulu. Ngokwesikhashana ba . . . Ngokuba ngabancane, bayibo, ngoba uJesu wathi babeyibo. Wathi, “Nibabiza ngonkulunkulu, labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo.” Kodwa, bukani, lowo yilabo uNkulunkulu aletha kubo iZwi. Futhi uma eLikhuluma, kuyenzeka. Yilokho kuphela.

319 Futhi nangu nokuthunywa okuvela kuNkulunkulu, ukushaya umhlaba, noma yini afuna ukuyenza (o, he), umisa amazulu. Futhi uyakwenza. Yini indaba na? Ulungiselela ukukhipha izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane—nane, ngokuhlengwa, eNcwadini yokuHlengwa. Nalokho kuphansi koPhawu lokuHlengwa, oPhawini lwesiThupha. Yilokho-ke, mngani wami othandekayo. Lolo wuPhawu lwesiThupha; bekuyimfihlakalo kakhulu.

320 Asithathe nje . . . Sineminye imizuzu emihlanu. Asithathe kancanyana nje, niyabo. Nginamakhasi cishe amabili kuya kwamathathu. Awu, ngine . . . Ningabona nje, *lapha*. Ngicabanga ukuthi kukhona cishe . . . Kulolo, ngicabanga ukuthi cishe nginamakhasi ayishumi nanhlanu asasele, ebengingafinyelela kuwo. O, kunokuningi kakhulu kulokho! He, ungalokhu nje

usuka endaweni uya endaweni! Kodwa ngiyesaba ngizonidida uma ngisabalala kakhulu. Angi... Angikwazi ukukubamba ndawonye njengoba ngifanele.

<sup>321</sup> KuIsaya, asithathe lokhu. UIsaya, umprofethi, ubone loluPhawu lwesiThupha luvuleka, futhi wakhuluma ngaLo; ukuthi ngabe Lusemqoka, noma qha. Niyabo?

<sup>322</sup> Awu, yonke into, lonke icebo lokuhlengwa, lilele phansi kwaleziziMpawu; yonke iNcwadi.

<sup>323</sup> Manje khumbulani, sibonile ukuthi uJesu waLubona. Kunjalo na? Niyabo? UJesu waLubona. Futhi manje sithola abanye abaLubonayo. SiLuthola lufanekiswe ku—kuJakobe. SiLuthola lufanekiswe eGibhithe. SiLuthola lufanekiswe esiphambanweni.

<sup>324</sup> Manje asibuyele kuIsaya. Nginenqwaba yonke yabanye futhi abaprofethi ababhalwe phansi lapha, futhi. Asithi nje... Ngiyakuthanda lokhu, lokhu okukaIsaya. Asibuyele lapha kuIsaya, isahluko 13 sikaIsaya. Ngithanda... .

<sup>325</sup> UIsaya uyi—yiBhayibheli eliphelele, kuLo uqobo, niyazi. Benikwazi lokho na? Niyabo, uIsaya uqalisa ngokudaliweyo; phakathi neNcwadi uletha uJohane; futhi ekupheleni uletha isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Futhi kuneziNcwadi ezingamashumi ayisithupha-nesithupha eBhayibhelini, nezahluko ezingamashumi ayisithupha-nesithupha kuIsaya. Iyincwadi ephelele ephethe izinhlobonhlobo zolwazi, qobo lwaYo.

<sup>326</sup> Qaphelani, isahluko 13 manje, sika—sikaIsaya. Asiqale lapha evesini 6.

*Hewulani; ngokuba usuku lweNKOZI lusondele; njengencithakalo evela kuSomandla luyakufika.*

<sup>327</sup> Bhekisisani lokhu ukuvulwa koPhawu lwesiThupha phezulu lapha manje. Luze luyothu ngqu emuva lapha, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nantathu ngaphambi kokuba kufike uKristu, futhi Usebe yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili, lokho bekungaba cishe yisikhombisa... cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nesikhombisa edlule. UIsaya ulubonile loluPhawu lulenga lapho. Kulungile.

*Ngalokho izandla zonke ziyakudangala, nezinhliziyi zonke zabantu ziyakuphela amandla:*

<sup>328</sup> Wathini uJesu na? “Futhi ngoba ububi buyovama, u—uthando lwabaningi luyophola-ke.” “Nezinhliziyi zabantu ziyobe zehluleka, ngokwesaba; ulwandle lubhonga.” Niyabo, izinhliziyi zabantu ziyakudangala.

*Futhi bayakwesaba: bayakubanjwa yiminjunju nobuhlungu; babe nobuhlungu njengowesifazane*

*ebeletha: bayakubhekana omunye nomunye bemangala; ubuso babo bube njengamahloni.*

329 Qaphelani ngakho lapha, o, “ubuso babo, amahloni.” Sizofanele sifinyelele kulokho, emzuzwini nje. Ngizokubamba lokho, niyabo.

*Bheka, usuku lweNkosi luyeza, lunonya lunokufutheka lunokuvutha kolaka, ukuba lwenzize izwe: luchithe izoni zalo kulo.*

330 “Izwe,” yilokho kuphela kulo, kulo okubonayo. Qaphelani.

*Ngokuba izinkanyezi zezulu nokukhanya kwazo akuyikukhanya: ilanga liyakuba—mnyama ekuphumeni kwalo, nenyanga ayisayikukhipha izinkanyiso.*

*Futhi ngiyakulijezisa izwe ngobubi babo, nobubi, nobubi ngobubi babo; ngenze ukuba ku arro- . . .*

331 A—angikwazi ukulipela, arro- . . . [Ibandla lithi, “Ukuzidla.”—Umhl.] Angikwazi ukulisho, niyabo.

*. . . kuphele kwabaziqhenyayo, futhi ngiyakuthobisa ukuziphakamisa kwabe—kwabesabekayo—besabekayo.*

332 Niyabo, lapho, khona impela nje, uIsaya wabona into efanayo uJesu akhuluma ngayo. Lokho uPhawu lwesiKhombisa oluyembulayo. Nxa Ehlanza izwe ngokuhlupheka, leso yisikhathi sokuHlupheka, loluPhawu lwesiThupha. Yebo, wayengumprofethi, neZwi likaNkulunkulu laziswa kuye. Lokho yiminyaka engamakhulu angamashumi amabili—nesikhombisa eyadlula.

333 Qiniso! Ngifuna nje ukusho lokhu. Umhlaba wonke, njengoIsaya lapha, “njengowesifazane ebeletha,” konke okudaliweyo kuyabeletha. Kumayelana nani konke lokhu ukububula nokuyabeletha na? Njengowe—we—wesifazane ozoba ngumama; umhlaba qobo lwawo, imvelo.

334 Ngani, lelidolobha lapha, ake sithathe idolobha lakithi uqobo; ngenkathi, amajoyinti obhiya, nobufebe, namanyala, namakhoba, njenganoma yiliphi elinye idolobha!

335 Ngani, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu ubengangcono, ukulibuka ngendlela Ayenalo ngayo, iminyaka eyinkulungwane eyadlula. Ngenkathi iOhio ihamba yehla, babengenamanzi amile nezikhukhula. Babengenasono esigodini. Inyathi yayizizulela khona lapha, ne—neCherokee elidala liyizingela futhi liziphilise ngokuqotho. Kwakungekho-nkathazo, nhlobo.

336 Kodwa, kungena umuntu, yilapho-ke isono singena khona. Lapho abantu beqala ukwanda phezu kobuso bomhlaba, khonake isono nodlame kwangena. Kunjalo, njalo ngumuntu. Ngani, ngicabanga ukuthi kuyihlazo!

337 Ngangimi, ngolunye usuku, ezweni lasekhaya kithi lapho, manje eArizona. Futhi nga—ngafunda, ngisengumfanyana,

ngoGeronimo, no—noCochise, nalawoma—Apaches amadala. Isizathu, ngashumayela kuwo enhla lapho. Abantu abakahle! Nabanye babantu abakahle ukwedlula bonke ofuna ukubonana nabo, bayilawomaNdiya angama—Apache.

<sup>338</sup> Ngase—ke ngiya laphaya e—eTsheni lethuna, lapho abanawo onke amagama okuhlabelela amadala nezinto empini. Ngase ngikubuka. . . Ahlala njalo, niyazi, ayehlala njalo emehlusa uGeronimo njenge—njengembuka. Kimi, wayengumMelika ogazi-libomvu. Uqobo! Wayelwela kuphela amalungelo akhe, njengoba bekungenza noma ubani. Wayengakufuni lokho konakala ezweni lakhe. Futhi bukani ukuthi linjani manje; bephendula abantwana bakhe, amadodakazi akhe, abe yizifebe, nayo yonke enye into; nabelungu bangena lapho. Umlungu uyishinga.

<sup>339</sup> INdiya lalingelidla ngoludala. Lalingeli—lalingeli—elidla ngoludala. Laliphuma futhi libulale inyathi, sonke isizwe sidla konke okwakusele kuyo. Ayesebenzisa isikhumba sibe yizingubo zokugqoka namathende, nayo yonke enye into. Nomlungu ufikela ukuyidubula, ibe yinto yokunembela; ngani, kuyihlazo kabi!

<sup>340</sup> Ngafunda indatshana ephepheni, lapho, eAfrika, leyondawo enkulu egcwele izinyamazane zasendle! Banalababafa, uArthur Godfrey nabo, beya laphaya, bedubula lezizindlovu nezinto, besezindizeni ezinophephela emhlabane nezinto ezinjalo. Isithombe sendlovu endala yesikazi izama ukufa, nezinyembezi, okufana nazo, zehla ebusweni bayo. Namaduna amabili amakhulu ezama ukuyifukula, ukugcina. . . Ngani, yisono. Lowo akusiwo umdlalo.

<sup>341</sup> Ngenkathi ngima phandle endle ngaphandle ngaleya, nalapho engizingela khona nezinto ezinjalo, futhi ngibona lapho labobazingeli abamhlophe bephuma lapho futhi badubule lezonyamazane amadiye, bese besika basuse esingemuva sayo. Futhi ngezinye izikhathi babulale ayisishiyagalombili noma amasikazi amancane ayishumi, futhi bawashiye elele lapho. Namazinyane ezinyamazane ehamba ejikeleza, ezama ukuthola umama wawo. Futhi nisho ukuthi lokho ngukuba ngumdlali? Lokho ngukubulala ngamabomu uqobo, encwadini yami.

<sup>342</sup> Ngithemba ukuthi iCanada ayitholi migwaqo neze kuyo, inqobo nje uma ngisaphila, ukuvimbela lawomambuka angamaMelika angangeni lapho. Kunjalo. Ayimidlalo ephansi kunayo yonke esengake ngayibona empilweni yami.

<sup>343</sup> Manje, hhayi onke. Akhona amanye angempela, amadoda angoqobo, kodwa ngeyodwa enkulungwaneni, oyitholayo.

<sup>344</sup> Adubule noma yini angayibona, noma ngayiphi indlela afuna ukudubula ngayo. Kunjalo. Lowo ngumbulali ngamabomu. Kunjalo. Akanahliziyo. Futhi uyadubula, kungesikhathi.

<sup>345</sup> Awu, enhla lapho eAlaska lapho, ngangiphezulu lapho nomunye walabobaphelekezeli. Wathi, “Ngacosha . . .ngiyaye ngiphumele lapho manje, bese ngithola yonke imihlambi yalezo zinyamazane ezinkulu ama elki noma . . .hhayi ama elki, kodwa inyamazane imusi ilele lapho; nezinhlamvu zomshini-gani womlomo wesibhamu ongamashumi amahlanu ezimpondweni zazo, lapho lababashayeli bezindiza abangamaMelika phandle lapho, eAlaska, bedubula ngomshini-gani, kuleyondiza, umhlambi wezinyamazane amamusi.” Lokho ngukubulala ngamabomu uqobo.

<sup>346</sup> Babazi, uma bebulala inyathi, babezokwazi ukuthola iNdiya. Lalizobulawa yindlala. Yingalesosizathu ukuthi uCochise wadingeka azinikele; eyakhe, onke amakhosana akhe, nawo onke amanye awo, abantwana bakhe, nabo bonke abantu bakubo, babebulawa yindlala. Baphumela lapho nemikhulu, imithwalo emikhulukazi yawo, uBuffalo Bill nalawomadoda angagqamile, futhi adubula zonke lezozinyathi, amashumi amane, amashumi amahlanu, ntambama. Bayazi, uma sebeqede lokho, baqeda iNdiya. O, he! Ibala eflegini, indlela abaphatha ngayo lawomaNdiya. Nakho lapho okhona.

<sup>347</sup> Kodwa khumbulani, iBhayibheli lathi, “Thora selifikile ukuthi uNkulunkulu uzobhubhisa labo ababhubhisa umhlaba.” Nomhlaba wonke!

<sup>348</sup> Bukani lezozigodi. Ngangimi enhla lapho, ngoluny’usuku, ngibuka phansi esigodini ePhoenix. Ngenyukela eNtabeni yaseNingizimu, unkosikazi nami sasisenhla lapho, futhi sabuka phansi ePhoenix. Ngase ngithi, “Lokho akukubi kakhulu na?”

Wathi, “Kubi kakhulu? Uqonde ukuthini na?”

<sup>349</sup> Ngathi, “Isono. Futhi kuningi kangakanani ukuphinga, nokuphuza, nokuthuka, neGama leNkosi lisetshenziswa ngeze, kulesosigodi lapho; cishe nekhulu na—namashumi amane, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu, noma kumbe abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili, kulesosigodi!”

<sup>350</sup> Ngathi, “Eminyakeni engamakhulu amahlanu eyedlula, noma inkulungwane, kwakungekho lutho kuphela umdolofiya, isihlahla esithela imidumba, namankentshane amakoyote amadala egijima ehla enyuka emfuleni onesihlabathi lapho, i—imiguguleko.” Ngase ngithi, “Leyo yindlela uNkulunkulu ayenzayo.”

<sup>351</sup> Kodwa, umuntu uyangena. Wenzani na? Wagcwalisa umhlabathi ngamanyala. Imigwaqo igcwele inyongo. Amapayipi okuchitha indle, i . . .Nemifula ingcoliswe ngo—ngokungcola. Babengenaku . . .Ngani, bekungangcono ungaphuzi ukudonsa kwalawomanzi; ubungathola noma yini. Niyabo? Kubukeni. Akusikho lapha kuphela, kodwa, umhlaba jikelele, into ingcolisiwe!

352 Nomhlaba, imvelo, (Nkulunkulu hawukela!) wonke umhlaba u... nasezinhlungwini zokuzala. Umhlaba uyazama, u “yabeletha,” washo uIsaya. Yini indaba na? Use... uzama ukuzala umhlaba omusha, wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, lapho lonke i...?... Uzama ukuzala umhlaba omusha, wabantu abasha abangayikona futhi bewungcolise. Kunjalo. Uyabeletha. Yingalesosizathu i—i... Sisekubeletheni, uKristu, ukuzala uMlobokazi. Yonke into iyabeletha futhi iyabubula. Niyabo, kukhona into ezokwenzeka.

353 NaleNhlupheko yesiThupha iwudedela uhambe. Mfowethu, ukuzamazama komhlaba kuvuleka kusakazeke, nezinkanyezi ziyamazama, okwezintabamilo kuzovela, nomhlaba uzozenza busha. Ubindiza olusha ilava luzoqhuma luvela kwimaphakathi nomhlaba. Futhi uzobuthuka, lonke luzungeze luzungeze luzungeze, uma luphuma lupininiza ngaleya.

354 Futhi ngiyanitshela, ngokunye ukusa nxa uJesu noMlobokazi waKhe esebuyela emhlabeni, kuyobakhona iparadisi likaNkulunkulu lapho. Lokho, o, he, lawomaqhawe amadala empi, ehamba ehla edlula lapho nabangani bawo nabathandekayo. Amahubo ayogcwalisa umoya, ebandla leziNgelosi. “O, wenze kahle, nceku yaMi enhle nethembekile. Ngena ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe wena, njengoba wawufanele ube nazo lapho ngaphambi kokuba uEva aqale ibhola ligingqika esonweni.” Amen! Whewu! Yebo.

355 Uphawu lwesiThupha luzokwenza okuthile. Yebo, mnumzane. Qiniso umhlaba wonke uyabubula futhi uzwa izinhlungu, zonyaka wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane!

356 Manje, lona manje ucwiliswe kakhulu ngamanyala! Lokho ngakushumayela lapha, kungekudala, ngiyakholwa, ngashumayela etabernakele, *Izwe LiyaHlakazeka*. Kunjalo impela. Bukani ukuthi yini ehla kaze kayo ezweni. Bukani, yonke into iyawa, yalo. Impela, iyawa. Li—lifanele lihla kazeke. Yebo, mnumzane.

357 Bukani, ifremu lawo! Ake nginikhombise isizathu sokuba izwe lifanele likwenze. Ifremu yalelizwe, insimbi, nethusi, nezimpahla zalomhlaba, kuhoshwe kuwo, umsebenzi walo owuhlaka, lwempi nomsebenzi wezezimboni, sekuze kuthi nje akulungele... Awu, asikaze sibe nokuzamazama komhlaba kwaze kwaba ngolunye usuku, ngapha kulengxenywe yezwe; ngolunye usuku nje lapha, niyabo, eSt. Louis nasezansi ukwedlula lapho. Selincipha kakhulu. Bahoshe yonke into kulo. Niyabo?

358 Ezombusazwe zalo zingcoliswe kakhulu, sekul’khuni kabi ukuba nobuqotho phakathi kwabo, niyabo, inqubo yalo. Izimilo zalo siphansi kabi, alisenaso nje. Yilokho kuphela. Niyabo? Impela. Inkolo yalo idleka kancane kancane. Yebo, mnumzane.



359 Yiyisikhathi soPhawu lwesiThupha, masinyane impela, ukuba luvulwe nge. Futhi uma lenza, o, he, liyaphela! UMlobokazi usevele usehambile, usenze. . . iNdlovukazi isivele ihambile ukuyothatha indawo yaYo; Isishadile manje, eNkosini, ngenkathi lokhu kwenzeka. Nensali kaIsrayeli inamathiselwe ngophawu futhi isilungele ukuhamba, bese-ke imvelo iyadedela. O, isikhathi esinje pho!

360 Qaphelani ivesi lokugcina loPhawu lwesiThupha, luvulwa. Labo ababekade behlekile ekushunyayelweni kweZwi, kweZwi eliqinisekisiwe likaNkulunkulu ophilayo; ngenkathi labobaprofethi babekade bemi lapho futhi benza izimangaliso, bavala ilanga, nayo yonke enye into, futhi konke kusukela phansi onyakeni. Niyabo, “Bakhala emadwaleni nasezintabeni ukuba kubasithe,” niyabo, ukubasitha eZwini ababekade belihlekile, ngoba baMbonile eza. “Sisitheni olakeni lweWundlu.” UyiZwi. Niyabo? Babelihlekile iZwi. Futhi nanti iZwi lalikhona, lingene emzimbeni. Futhi babehlekise ngaLo; babahleka, bahlekisa ngabo. NeZwi elingene emzimbeni lalivele lathi qatha!

361 Abaphendukanga ngani na? Babengeke. Kwakukude kakhulu, ngaleyonkathi. Ngakho, babekwazi lokho, isijeziso. BayaLizwa. Babekade behlale emihlanganweni njengalona futhi bazi ngaLo. Futhi babazi ukuthi izinto zalabobaprofethi, ezazibikezelwe, kwakubabuka ebusweni ngqo, into ababeyenqabile. Babedelele isihawu okokugcina.

362 Futhi uma wedelela isihawu, ayikho into esele kodwa ukwahlulelwa. Uma wedelela isihawu; cabanga ngakho nje.

363 Futhi nampo babelapho. Babengenandawo ababengaya kuyo, kungekho kuhlehlela emuva. NeBhayibheli lasho lapha, “Babiza i. . . Bakhala emadwaleni nasezintabeni, ukuba, ‘Kuwele phezu kwethu, futhi kuisithe e—ebusweni ba. . . nasolakeni lweWundlu.’” Bazama ukuphenduka, kodwa iWundlu lase lifikile ukuzobiza abangabaLo uQobo, niyabo. Futhi bakhala emadwaleni nasentabeni. Bakhuleka, kodwa imikhuleko yayisidlulelwe yisikhathi.

364 Mfowethu, dadewethu, ukulunga nesihawu esiningi sikaNkulunkulu, kwelulelwe kubantu. Ngenkathi, uIsrayeli waphuphuthekiselwa lokhu, okwalapha, nje cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ukusinika ithuba ukuba siphenduke. Nisalile lesosihawu na? Nisalile na? Nikunqabile Lokho na?

365 Ungubani wena, empeleni na? Wavelaphi na? Futhi uyaphi na? Ubungeke wabuza udokotela, ubungeke wabuza noma ubani ezweni, futhi akukho-ncwadi obungayifunda, ebingakutshela ukuthi wena ungubani, ukuthi uvelaphi, nokuthi uhambani, kodwa leNcwadi.

366 Manje, uyazi, ngaphandle kokuba wena ube neGazi leWundlu ukusebenza endaweni yakho, uyabona lapho oqonde

khona. Ngakho, uma—uma uNkulunkulu akwenzela lokho, into encinyane ebesingayenza bekungaba ukwemukela lokho Akwenzile. Yilokho kuphela Asicela ukuba sikwenze.

<sup>367</sup> Futhi phezu kwezisekelo zalokhu, uma ngiqhubeka, ngizodingeka ngize ngqo ngingene kuleyoNhlupho, konke lokho, enkonzweni yakusasa ebusuku. Futhi manje angikwazi ukukwenza, ngeke ngisaqhubeka. Nginakho kumakwe phansi lapha, isiphambano, “yima lapha,” niyabo. Ngakho, manje-ke, ngi—ngizofanele ngilinde kuze kube kusasa.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

<sup>368</sup> Uma ungakaze, mngani wami oyigugu, ungaka—ungakalwemukeli uthando lwaloNkulunkulu engikhuluma ngalo! Uma ungaka... Lalelani lokhu ngokusondela manje. Uma ungakalwemukeli uthando lwaKhe nesihawu, uzodingeka ume ezahlulelweni zaKhe nolaka.

<sup>369</sup> Manje, nina, kulobubusuku, nisendaweni efanayo uAdamu noEva ayekuyo ensimini yase—Edene. Ninelungelo. Ungozikhethelayo. Ungaya eMthini wokuPhila, noma ungathatha icebo lokwahlulelwa. Kodwa, namhlanje, usasile, engqondweni yakho ekahle, futhi usaphila ngokwenele u—ukuphakama futhi ukwemukele, awukwenzi ngani lokho uma ubungakakwenzi.

<sup>370</sup> Ngabe bakhona yini labobantu phakathi lapha ongaka, namanje, kwenzi lokho na? Uma lokho kuba njalo, ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Manje ngifuna ukukwenza. Angikufuni lokhu ukuba kufike.” Manje khumbulani, bangani... UNkulunkulu anibusise. Lokho kuhle. Ngine. . .

<sup>371</sup> Lena akusiyo imiqondo yami yaLokhu. Ngi—ngi... Lokhu akusikho ebengikucabanga; lokhu kuvela kimi uqobo. Ngakho ngisizeni, uMoya oNgewele uyakwazi. Futhi lindani, uma iNkosi ithanda, kusasa ebusuku, ngifuna ukunikhombisa imfihlakalo ebiyenzeka ngaso sonke isikhathi, khona lapha kulomhlangano. Ngingabaza kakhulu impela ukuthi ngabe senike nakubona noma qha, niyabo, ukuthi—ukuthi kwenzekani. Bekuyinto ebibekwe khona lapha phambi kwenu. Futhi ngibhekisisile, ubusuku ngabunye, lokhu, ukuba kusukume, ukuba omunye athi, “Ngiyakubona.” Niyabo?

<sup>372</sup> NingaLenqabi, ngiyacela, ngiyanicela; uma ungesuye umKristu, uma u—ungekho phansi kweGazi, uma ungzalwe ngokusha, wagewaliswa ngoMoya oNgewele.

<sup>373</sup> Uma ungakaze ukwenze ukuvuma obala kuka—kaJesu Kristu, ngokubhaphathizwa eGameni laKhe, ukufakaza ukufa kwaKhe, ukumbelwa nokuvuka, ukuthi wemukele, amanzi aselungele. Balindile. Izingubo ezinde ziyanikezwa phakathi lapha, nayo yonke into isilungele.

374 UKristu umi elungele, nengalo eluliwe, ukukwemukela. Ehoreni elilodwa kusukela manje, lesosihawu singahle singelulelwa kuwe. Ungase usenqabe okokugcina; asisophinde siyithinte inhliziyo yakho futhi. Ngenkathi usangakwenza, ngenkathi usangakwenza, awukwenzi ngani na? Manje kusa . . .

375 Ngiyayazi evamile, indlela yangosiko, ngukwenyusela abantu ealtare. Siyakwenza lokho, nalokho kukahle ngokuphelele. Ngalesisikhathi, siminyene kakhulu phakathi lapha, sizungeze ialtare ngqo, ngize ngingabe ngisakwazi ukwenza lokho.

376 Kodwa ngithanda ukusho lokhu. Ngosuku lwabaphostoli, bathi, “Abaningi abakholwayo babhaphathizwa.” Niyabo? Nje uma ungaphumelela, ngempela, phansi enhliziyweni yakho! Nakhu lapho okukhona konke. Akusilo—akusilo idlingozi, nakuba idlingozi likuphelekezela. Njengalokho engikushilo nje, ukubhema nokuphuza akusiso isono; kungumphumela wesono; kukhombisa ukuthi awukholwa. Niyabo? Kodwa uma ukholwa ngeqiniso enhliziyweni yakho, futhi ukwazi lokho ezisekelweni zokuthi, lapho ohlezi khona lapho, uyakwemukela ngenhliziyo yakho yonke, ikhona into ezokwenzeka khona lapho. Izokwenzeka.

377 Khona-ke ungama njengofakazi kukho, ukuthi ikhona into eyenzekile. Bese-ke uya emanzini, uthi, “Ngifuna ukutshengisa ebandleni, ngifuna ukufakazisa, ngifuna ukwenza ubufakazi bami bume, ukuthi ngizothatha indawo yami noMlobokazi. Ngimi lapha manje ukuba ngibhaphathizwe.”

378 Ngiyazi ukuthi baningi abesifazane ezweni kulobubusuku, abesifazane abahle, kodwa ngingesizungu kabi sokubona oyedwa. Munye kubo ongumkami. Uya nami ekhaya. Wayengesuye umkami, okokuqala nje; kodwa ukuthi uba kanjani ngumkami, wathatha igama lami.

379 Uyeza. Kunenqwaba yabesifazane, amabandla, ezweni, kodwa Uzela uMkaKhe. Ubizwa ngeGama laKhe. “Labo abakuKristu uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe.” Singena kanjani kuLo na? “Ngamoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye.”

380 Manje sisakhuleka, khulekani, nani. Ngaphakathi noma ngaphandle, kunamaqembu amakhulu abantu emakamelweni, ngaphandle, ami ezungezile, phandle emigwaqeni. Kodwa manje nisa—sa . . . Asikwazi ukunibizela phezulu lapha ealtare. Kodwa, inhliziyo yakho, yenze ibe yialtare. Nasenhliziyweni yakho ngqo, uthi, “Nkosi Jesu, ngiyakukholwa Lokhu. Ngama phandle lapha kulomoya wasebusuku. Kade ngifuthelana, kulelikamelo elincane. Ngihlezi phakathi lapha, phakathi kwalababantu. A—a—a—a—angifuni ukuba yi . . . Ngeke ngaphuthelwa; ngeke ngakukhona.”

381 Yonke into, njengoba nginitshelile izolo ebusuku, futhi, ngakho ngisizeni, iNkosi iyazi ngikhuluma iQiniso. “Angiqambimanga,” njengoba kwasho uPawulu. Lowombono, kumbe noma ngabe kwakuyini; ngama lapho, ngabuka, futhi ngabaphatha labobantu osewashona, futhi beyibo nje njengoba ngimi khona lapha. Ungakugeji, mfowethu bandla noma dadawethu; ungakwenzi. Ngiyazi nikuzwile ukushumayela, nikuzwile *lokhu, lokho*, nezindaba, konke lokho. Kodwa ake . . . Lalelani nje. Okwami, lokhu yi . . . Ngiyazi kuyiQiniso, niyabo. Nivele nje . . . A—angikwazi ukukwenza kucace ngokwedlulele, niyabo. Ningakugeji. Konke ngokwenu.

Manje asikhulekeni.

382 Nkosi Jesu, lapha phambi kwami yibhokisi lamaduku amele abantu abagulayo. Njengoba ngikhulekela phezu kwawo, ngibeka izandla phezu kwawo, njengoba iBhayibheli lathi, “Bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, imimoya ongcolileyo yaphuma kubantu, nezibonakaliso ezinkulu zenziwa.”

383 Ngoba, babone uPawulu, ukuthi babazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawukuye. Bayazi ukuthi waye—wayeyindoda exakile, ukuthi, izinto ayekhuluma ngazo, ngeZwi. Wayehamba athathe igama elidala lesiHeberu lebandla lamaHeberu, bese eliletha ekuphileni, bese elibeka kuKristu. Babazi ukuthi uNkulunkulu wayesendodeni. Base-ke bebona uNkulunkulu esebenza exakile nemisebenzi yamandla ngayo, esho zingakenzeki izinto futhi kwakwenzeka ngaleyondlela, futhi bayazi ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu.

384 Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzohlonipha lababantu ngezinhlonipho zabo zeZwi, futhi ubaphilise ngenxa kaJesu. Phandle lapha ezethamelini, Nkosi, kuhlezi abantu, njengoba kwakunjalo nje kulabo abalalela umphostoli uPetru ngoSuku lwePhentekoste. Ukuthi wabuyela kanjani eZwini, futhi wathola iZwi! Wayesethi, “UJoweli washo, ngezinsuku zokugcina lezizinto ziyokwenzeka. NaLokhu yikho lokho.” Nezinkulungwane ezintathu zaLikholwa, futhi zabhaphathizwa.

385 Futhi, Baba, namhlanje simi lapha ngomusa waKho. Futhi akungangenxa yokuthi—ukuthi abantu abakhethekile, kodwa kungoba (njengosuku lwengonyama nje, noma inkabi, noma umuntu) yisikhathi sokhozi. Wugcobo lwehora. Yisikhathi esiphila kuso. Ngukusebenza kukaMoya oNgcwele walesisikhathi esithize, ukufakazisa ukuthi uJesu akafile. Izinto Athi Wayeyozenza ngaphambi nje kokuba iziNkanyiso zakusihlwa ziphume, futhi nakhu kade siMbona enza lokho, khona phansi ngasemgwaqeni. SiKubonile kwehla ocwaningweni lwesayense futhi saba nesithombe saKhe

sathwetshulwa; iNsika yoMlilo enkulu Eyahola abantwana bakwaIsrayeli; Eyahlangabezana noPawulu endleleni.

386 Futhi siyazi, leNsika yoMlilo efanayo eyaholela uMose ezansi lapho ehlane, ngaleyoNsika yoMlilo efanayo wabhala iziNcwadi eziningana zeBhayibheli, ngokuba wayegcotshwe ngeZwi.

387 LeNsika yoMlilo efanayo yehlela phezu kukaPawulu, esendleleni ebheke eDamaseku, wabhala iziNcwadi eziningi zeBhayibheli, ezibizwa ngeZwi likaNkulunkulu.

388 Futhi manje, Nkosi, leyoNsika yoMlilo efanayo, ngobufakazi obubonakalayo bokufakaza ngeZwi, nangocwaningo lwesayense, siya Yibona lapha yembula iZwi leNkosi.

389 Nkulunkulu, vumela abantu masinyane baphaphame, Nkosi, ngokushesha! Labo abanamagama abo abekwe eNcwadini yokuPhila; uma Lokhu kubaneka endleleni yabo, kwangathi bangabona. Njengomncane, owesifazane onegama elibi emthonjeni ngalolosuku, waqonda masinyane, futhi wazi ukuthi KwakungumBhalo.

390 Futhi manje, Baba, ngikhulekela ukuthi wonke lowo ozoKwemukela ngalesisikhathi, ezinhliziyweni zabo, uzokuzazulula kuze kube-phakade, ngalelihora, ukuthi sebeqedile ngesono; ozovuka futhi enze amalungiselelo manje ngokuvuma obala, okombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zabo; ukukhombisa ukuthi bayakholwa ukuthi uNkulunkulu ubathethelele, futhi bathatha iGama likaJesu Kristu.

391 Manje-ke, Baba, thululela phansi uMoya oNgcwele, wamaFutha, phezu kwabo, ukuze babekwe enkonzweni yeNkosi uNkulunkulu, ukuze bakwazi ukuba yizisebenzi ngalolu lokugecina, usuku olubi, ngokuba siyaqonda nje sinesikhathi esifishane. NeBandla lingahle lihambe noma nini.

392 IWundlu lingahle, noma nini, lisuke endaweni engcwele phezu Lapho, noma isiHlalo sobukhosi somhlatshele, liphume lisuka esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu lapho umhlatshele ulele khona, bese kuthi-ke sekuphelile; awasekho amathemba ngezwe; seliphelile. Bese-ke liyongena ezingxakini, zokugongobala okukhulu kokuzamazama komhlaba okuningi, no—nokukhulu ukuzamazama njengoba kwakunjalo ekuvukeni. Ne—ne, i—i . . .

393 Njengoba uKristu avuka ethuneni, ngenkathi abangcwele bevuka, into efanayo izokwenzeka. Nkosi, kungaba noma ngamuphi umzuzu. Sibheke lolosuku olujabulisayo ukuba lufike.

394 Thatha abantwana baKho babephansi kwengalo yaKho, Baba, manje. Donsela amawundlu aKho amancane esifubeni saKho. Siphe khona. Futhi uwondle ngeZwi, aze abe namandla enkonzo. Sibanikela kuWe manje, Nkosi. Phendula lomkhuleko.

<sup>395</sup> Wena wathi, Baba, ngale kuMarku, isahluko 11, “Nxa ukhuleka, yima ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela lokho okucelayo, futhi uyakuba nakho.”

<sup>396</sup> Futhi ngenhliziyo yami yonke kuYe obembula lezizinto kusukela phansi eminyakeni, naleziziMpawu lapha kulawa iviki eledlule; ngiyaKukholwa, Nkosi Nkulunkulu, ukuthi yihora, eduze manje, kuseduze kakhulu kunoma sicabanga ngempela, kokusondela kwaKho.

<sup>397</sup> Ngiyacela umkhuleko wami mawuphendulwe. Futhi kwangathi wonke umntwana kaNkulunkulu obiziveyo, osebangeni lokuzwa lalapha, noma kumbe iteyipu iyoshaya, kwangathi ngalesosikhathi. . . Ngiyababiza babe ngaboMbuso kaNkulunkulu, phezu kwezisekelo zokwazi ukuthi leli yiZwi elembulwayo. UkuKhanya kwakusihlwa makukhanye, Baba. Ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

<sup>398</sup> Manje, wonke, ngaphakathi noma ngaphandle, okholwayo, futhi ungakaze wenze ukuvuma kwakho—kwakho obala, ukuthi usuqedile ngesono; futhi u—ufuna umusa omningi kaNkulunkulu, futhi uwemukelile kuJesu Kristu. Ichibi. . . Bazobe sebelungiselele ukubhaphathiza noma ubani ofuna ukubhaphathizwa, namhlanje noma kusasa, khona manje kumbe noma kungahle kube nini.

<sup>399</sup> Niyalujabulela uPhawu lwesiThupha na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabona ukuthi Luvulwe kuphi manje na? [“Amen.”] SeniLukholiwe na? [“Amen.”]

<sup>400</sup> Lathi, “Ubani okholwe ngesikuzwileyo na? Futhi nengalo yeNkosi yembulelwe bani na?” Niyabo? Kholwani ngokuzwakele, bese-ke ingalo yeNkosi yembulwa. Ingalo, iZwi likaNkulunkulu, iyembulwa.

<sup>401</sup> INkosi ithanda manje, kusasa ekuseni, ngizozama ngawo onke amandla ami ukuphendula leyomibuzo. Ngizochitha cishe bonke ubusuku, futhi, noma obuningi kakhulu babo, emkhulekweni, phezu kwayo. Ngithola cishe kusukela kwelilodwa kuya emahoreni amathathu ubusuku. Angizange ngiyolala izolo ebusuku ngaze ngaya ngelokuqala, nangesithathu nqa bengisekutadisheni. Niyabo? Niyabo?

<sup>402</sup> Ngizodingeka ngiphendule ngalokhu. Kunjalo. Sisondele kakhulu kunoma yini, noma yibuphi ubuwula, noma yikuphi ukuhlawumpisela, noma ukukholwa okunguhhafu. Ngifanele ngikubone, kuqala. Bese kuthi-ke, uma ngikubona, kuzofanele kube seZwini, nakho. Futhi kuze kube manje, ngomusa kaNkulunkulu, ingokuphelele. Ngiyithathe yonke kusukela le, niyakwazi lokho, futhi i—ihlangane ndawonye thaqa.

<sup>403</sup> Kuzofanele kube ngu ISHO KANJE INKOSI. Isizathu, akusikho kuphela ukuthi kuMusho evela kimi ngokuMazi, qobo lwami, kodwa iZwi leNkosi lingu ISHO KANJE INKOSI. Futhi nanti iZwi, ukuthatha lokho Anginike khona, futhi

eLihlanganisa thaqa ndawonye futhi nginikhombisa. Ngakho niyazi, qobo lwenu, ngu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo?

404 Nanti iZwi, lisho njalo. Bese kuthi-ke isambulo Anginika sona, esiphambene nalokho noma ubani wethu ake akucabanga; ngani, siphambene nalokho engakucabanga, ngoba angikaze ngiye kuKho kanjalo. Kodwa manje, siyathola, kushelela ndawonye ngqo. Futhi Liyini na? Ngu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Yikho impela. Kade kuyindawo evulwe gembeqe, ngibambe lapho, kuze kube yilelihora, bese kuthi-ke iNkosi ifika bese iLifuqela phakathi ngqo kanjalo. Ngakho, niyabo, naNto. Li, Liyi—liyiNkosi. O, ngiyaYithanda! NgiyaYithanda ngayo yonke inhliziyoyami.

405 Manje khumbulani, ni . . . Asikwazanga ukufinyelela ealtare. Abaningana baphakamise izandla zabo. Manje, niyabo, wudaba lomuntu ngamunye, nawe. Kuyilokho ofuna ukukwenza. Niyabo?

406 Ihora lisondele kakhulu eduzane, benifanele niphikelele kanzima ngamandla onke, ningadingeki ukuba nize nidonswe. Niyabo, nje niphikelela, nizama ukungena, “Nkosi, ungangivumeli ngiphume. Ungangishiyi ngaphandle, Nkosi. Iminyango iyavala; uma nje ngingahle ngikwazi ukungena!” Niyabo?

407 UNkulunkulu uyovala umnyango ngoluny’usuku. Wenza ngosuku lukaNowa, futhi bashaya emnyango. [UMfowethu Branham ushaya epulpiti kaningana—Umhl.] Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”]

408 Manje khumbulani, iBhayibheli lasho, ukuthi, “Emlindweni wesikhombisa.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Abanye balala emlindweni wokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa. Kodwa, ngomlindo wesikhombisa, nakho kuphuma isimemezelo, ukumemeza, “UMyeni uyeza! Phumani niMhlangabeze.”

409 Izintombi ezilele zathi, “Awusho, ngithanda ukuba namanye alawomaFutha manje.”

410 UMlobokazi wathi, “Nginanele mina uqobo nje; nginanele nje. Uma uWafuna, hamba uWakhulekele.”

411 Aniyiboni intombi elele manje na? Bukani iEpiscopalian, iPresbyterian, iLuthela, nayo yonke into, ezama. Nenkathazo yakho ingukuthi, esikhundleni sokuzama ukuthola uMoya oNgewele, azama ukukhuluma ngezilimi.

412 Nenqwaba yawo ikhuluma ngezilimi, futhi inamahloni ukuza kulelibandla ukuba ikhulekelwe; ifuna ngize endlini yawo futhi ngiwakhulekele. Nibiza lokho ngoMoya oNgewele? Lokho ngukukhuluma ngezilimi, kodwa hhayi uMoya oNgewele. Niyabo?

413 Manje, ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgewele ukhuluma ngezilimi. Niyazi ngiyakukholwa lokho, niyabo. Kodwa kunobumbumbulu kuWo, futhi. Yebo, mnumzane. I—izithelo zikaMoya, okufakazisa ukuthi Uyini. Izithelo zomuthi sifakazisa ukuthi hlobo luni lomuthi oyilo. Hhayi ixolo; isithelo!

414 Manje qaphelani, manje-ke, uma efika, lelo—lelohora lokugcina. Futhi lapho, ngenkathi zingena, khona-ke zahamba zase zithi, “Awu, ngikholwa ukuthi senginaWo manje. Ngikholwa ukuthi nginaWo. Ya, siyaWuthola.”

415 Kungcono ngi—ngi—ngingakusho lokhu, niyabo, ngoba kungahle kubange ukudideka. Ngenkathi ngisho ngelinye ilanga, uHlwitho, ukuthi Lwaluyofika kanjani, ngi—ngi... Manje, uma uthi u—uzokuthatha, kulungile. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bhekisisa. Bhekisisa. Kulungile, lokho kukuwe.

416 Ngenkathi intombi elele, niyabo, eyayicabanga ukuthi yayikhulekelwe, ukuba ibuye, uMlobokazi wayesevele ehambile. Kwahamba, futhi ayikwazanga; njengesela ebusuku. Manje-ke ziqala ukugaklaza iminyango. Futhi kwenzekani na? Kwenzekeni na? Zaphoswa esikhathini sokuHlupheka. IBhayibheli lathi, “Kuyoba-khona ukukhala, nokulila, nokugedla amazinyo.” Kunjalo na?

417 Ukuthi kuzoba nini, mfowethu, dadewethu, angazi. Kodwa, ngi—ngi, mina, kungahle kube yimi nje lapha, manje, niyabo. Lokhu, lokhu yi...Lona ngumcabango wami. Niyabo? Ng—ngi—ngikholwa ukuthi kusondele kakhulu, ngi—ngi... Usuku ngalunye ngi—ngifuna... Ngizama nje ukuhamba ngokukhulu ukuhamba ngesizotha ngakho konke engingakwenza. Niyabo? Futhi manje nxa, niyazi, nxa i... .

418 Kukhona into eyenzeke namhlanje, futhi ngibone into ethize yenyuka. Ng—ngivele nje...angibange ngisakwazi ukuphefumula, niyabo. Ubelapho, emi lapho, lokho kuKhanya okuncane kumi khona lapho. Futhi beKulapha. Ngiyazi kuyiQiniso.

419 Ngacabanga, “O Nkulunkulu, angikwazanga ukusho lokho. Ng—ngingeke ngakusho lokho. Ngingeke.” Ngivele nje ngaphuma ekamelweni, ngaphuma, ngehla ngenyuka. Mfowethu, ngacabanga, “He! Ngingenzani na? O!” Niyabo? Futhi ngi—ngifanele ngiyodoba, noma okuthize, noma ngi... Mfana, ubunga...u...Ngeke nganitshela. Niyabo?

420 Ngakho, sinesikhathi esimnandi. Asinaso na? Ayibongwe iNkosi! Amen! Niyabo? Sise—sisesikhathini esikhulu kakhulu, niyabo, ngokuba inhliziyoyami ichichima injabulo nokujabula.

421 Kodwa uma ngicabanga ngalelizwe nezinkulungwane engaziyo ukuthi ilahlekile, zisibekelwe yithunzi elimnyama, imvungamo, khona-ke inhliziyoyakho iyopha nje. “Ungenzenjani na? Ungenzenjani na?” Uyawuzwa nje



uMoya oNgwele umemeza, enhliziyweni yakho. Njengokuthi kufanele ukuthi bekuseNkosini yethu, ngenkathi Ibuka ngale eJerusalema, abantu baYo uQobo, niyabo, yathi, “Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukunifukamela, njengesikhukhukazi sifukamela amazinyane aso, kodwa anivumanga.” Nizwa nje uMoya oNgwele uthi, “BeNgithanda kangaki ukunibutha, niyabo, kodwa anivumanga.” Niyabo?

<sup>422</sup> Si, sikhona lapha kwenye into, bangani. Noma ngabe kuyini, uNkulunkulu uyazi. Akukho-muntu, akukho-muntu owaziyo ukuthi kuzokwenzeka nini. Lokho kuyimfihlo. Akukho-muntu owaziyo ukuthi kuzokwenzeka nini.

<sup>423</sup> Kodwa uJesu wasitshela, “Nxa nibona lezizinto, zonke lezizinto.” Njengalokho nje engiye kukho, ngiqhathanisa noPhawu lwesiThupha, kulokho Akusho kuMathewu 24. Manje khumbulani ukuthi Wathini, “Nxa nibona lezizinto zifika, ukuba ziqale ukufezeka, khona-ke isikhathi sisemnyango.” Bhekisisani lona impela ivesi elilandelayo, amavesi ama 30—ama 30 nelama 31 njengoba kwehle njalo, elama 32, amavesi 33.

<sup>424</sup> Wathi, “Futhi Uyakuthuma izingelosi zaKhe emagumbini amane amazulu, emimoyeni yomine, ukubutha abaKhethiweyo baKhe.” Kunjalo na?

Wathi, “Manje fundani u . . .”

<sup>425</sup> Manje khumbulani, Wama khona lapho. Akazange aqhubeke, emva kwaloloPhawu lwesiThupha. Akazange asho lutho ngolwesiKhombisa. Washo olokuQala, olwesiBili, olwesiThathu, olweSine, olwesiHlanu, nolwesiThupha. Kodwa Wama lapho, akazange apha the nganoma yini ngaLo.

<sup>426</sup> Bhekisisani into elandelayo Ayisho, “Manje fundani umfanekiso.” Niyabo? Wayese-ke eqala ngomfanekiso. Wathi, “Lezizinto ziyakubakhona.”

<sup>427</sup> Uphendula leyo imibuzo emithathu. “Kuyoba yini i . . . lezizibonakaliso na? Futhi siyoba yini isibonakaliso soKuzi kwaKho na? Siyoba yini isibonakaliso, sokuphela kwezwe na?”

<sup>428</sup> NoLwesiThupha, lapho, kwakungukuphela kwezwe. Nokubetha kwengelosi yesikhombisa . . . “Waphakamisa izandla, wayesefunga Yena ophila kuze kube-phakade naphakade, ukuthi akusayikubakho isikhathi.” Umhlaba uzala omusha. Usuphelile.

<sup>429</sup> Futhi nakhu sikhona, khona lapha emnyango. O, ngiyathuthumela. “Futhi ngifanele ngenzenjani, Nkosi na? Yini—yini enye engingayenza na?” Niyabo? Futhi, manje-ke, ngicabanga nje ngokubona leyondawo nalabobantu abathandeka kakhulu! Ngama lapho, ngizibuka mina uqobo. Ngase ngicabanga, “O Nkulunkulu, ngani, ba—bangeke bakugeja lokhu. Ngi—ngi—ngifanele ukubafuqa. Ngifanele

nje ukufinyelela phansi kwizethameli bese ngibathola, bese ngifuqa.” Ungeke wakwenza lokho. U . . .

430 “Futhi akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi.” Kodwa nansi induduzo eyodwa esinayo, “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza.”

431 Kodwa bonke abanye, nalezozinhlango, bethembele kuzo kanjalo, niyabo. “Futhi wadukisa wonke lowo owayephila phezu kwazo, owakhileyo emhlabeni, abamagama abo engalotshwanga kuleyoNewadi yokuPhila yeWundlu, elihlatshiwe kusukela ekusekelweni kwezwe.” O, he! Ngakho, niyabo, kuyinto edabukisayo.

432 Into kuphela ongayenza nguku nje—nje—nje—nje hlala neZwi ngqo. Bhekisisani nje noma yini Athi yenzeni, bese-ke wenza lokho. Niyabo? Noma yini Athi yenze; kwenze lokho.

433 Futhi ubuka phandle lapho, bese uthi, “O, he! Benza *lokhu*, manje-ke . . . O!” Nje ku . . .

434 Aniqondi ukuthi kungubunzima obunjani! Manje ngifuna ukusho lokhu. Ngikholwa ukuthi amateyipu acishiwe. Inqwaba yabantu ithi, “Mfowethu Branham, nenkonzo yalolohlobo . . .” (Ngifanele ngibhekisise, ngoba abantu bathatha lawomateyipu nje futhi nje bazama ukuwacasha abe yizicucu, niyazi.) Ngakho ngenkathi bethi, “Mfowethu Branham, besifisa sengathi besinenkonzo,” awukwazi okushoyo. Wena, qiniso, anazi ukuthi kuhamba nani, mfowethu, dadewethu. O, he! Nomthwalo, uma unabantu olenga kulokho okushoyo! Khumbulani, uma ubatshela okuliphutha, uNkulunkulu uyobiza igazi labo ezandleni zakho. Manje-ke, ucabanga ngalokho. Kuyinto enamandla esabekayo.

435 Ngakho, thandeka. Thanda uJesu ngayo yonke inhliziyi yakho. Nje fol- . . . Yiba lula. Ungazami—zami neze ukucabangela noma yini. Yiba lula nje, phambi kukaNkulunkulu. Isizathu, ngenkathi uzama kakhulu ukucabangela, yilesi isikhathi uqhela kakhulu kuYe. Niyabo? Vele uMkholwe kalula nje.

Uthi, “Manje, awu, Uyofika nini na?”

436 Uma Efika namhlanje, kulungile. Uma Efika eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje, kusalokhu kulungile. Ngizohamba nje ngendlela engihamba ngayo manje, ngiMlandela. “Nkosi, uma Ungangisebenzisa nomaphi, ngilapha, Nkosi.” Uma kuyiminyaka eyikhulu kusukela namhlanje, uma abazukulu babazukulu babazukulu babazukulu bami besalokhu bephila ukuba bakubone kufika, maku . . . “Nkosi, angazi ukuthi kuzoba nini, kodwa mangihambe kahle nje namhlanje, naWe nje.” Niyabo? Ngigifuna . . . Isizathu, ngi—ngiyovuka ngalolosuku, ngokufanayo nje njengoba ngathatha isihlwathi esincane ndawondawo.

437 Ngiza ngehlela lapho, lesosigodlo esikhazimulayo ngaleya, lowoMbuso kaNkulunkulu lapho, lapho bonke abadala beyoba basha, lapho izingubo ezinde ezimhlophe sezivele zigqokiwe! Abesilisa nabesifazane uguqukile, ngobuhle, bona impela ubungcweti bowe—bowe—wesilisa omuhle no—nothandekayo wesifazane! Bemi lapho kubo bonke ubuhle nomumo wentombi nensizwa, bemi lapho! Futhi ngeke neze baguga, ngeke neze baba nesono, ngeke neze kwaba noma yini yomona, noma inzondo, kumbe noma yini! O, he!

438 Ngicabanga ukuthi amateyipu acishile manje. Futhi ngi—nginemizuzu nje cisha emithathu noma emine. Ngifuna ukukhuluma nani. Ngabe kulungile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, lokhu kuqondene nami nje, niyabo. Isizathu, kusasa, ngi—ngi . . . Lokho kuzoba kukhulu kakhulu! Ngicabanga ukuthi nje kungcono ngikusho manje, niyabo, engizokusho. Ngi . . . Lokhu ngokwethu nje manje. Nje bengi . . .

439 Niyazi, ngi—nginenkosikazi engiyithandayo, nalowo nguMeda. Futhi nga—ngangingeke ngisho ngishade naye, ngenxa yothando lwami lomkami wokuqala. Futhi nokho, njengoba ngangimnakekela kakhulu, nga—ngangingeke ngishade naye ukuba kwakungesuye uNkulunkulu owangitshela ukuba ngikwenze. Futhi niyayazi indaba yakho; ukuthi waya kanjani ukuyokhuleka, nokuthi mina ngenza kanjani. Wayesengitshela-ke khona impela engifanele ngikwenze, futhi, “Hamba, umshade,” nesikhathi esiyiso du sokukwenza. Ungowesifazane othandekayo. Futhi uyangikhulekela kulobubusuku. Futhi ngakho manje ngelesishiyagalombili nqo, ekhaya, cishe uyakhuleka manje.

440 Manje qaphelani. Ngolunye usuku wathi kimi, wathi, “Bill,” wathi, “Ngifuna nje ukukubuza umbuzo ngeZulu.”

Ngathi, “Kulungile, Meda, kuyini na?”

Wathi, “Uyazi ngiyakuthanda.”

441 Ngase ngithi, “Ya.” Kwakusemva kokuba impela lokhu kwenzeke enhla lapha.

Wathi, “Uyazi ukuthi uHope wayekuthanda, naye.”

Ngathi, “Ya.”

442 Wayesethi, “Manje,” wathi, “Angicabangi ukuthi bengiyoba nomona,” wathi, “kodwa uHope wayenjalo.” Wayesethi, “Manje, uma sesifika eZulwini . . . Futhi uthe umbonile lapho.”

443 Ngathi, “Wayelapho. Ngimbonile. Ngimbone kabili, lapho.” Ulapho. Ungilindele ukuba ngifike. Kanjalo i . . . Unjalo noSharon. Ngimbonile, ngokufanayo nje njengoba ngibuka wena. Ngimbonile lapho. Ngase ngithi . . .

444 Wathi, “Awu, manje, uma sesifika laphaya,” wathi, “yimuphi ozoba ngumkakho na?”

445 Ngathi, “Nobabili. Akazukubabikho, niyabo, nokho nobabili niyoba yibo.”

Wathi, “Angikuqondi.”

446 Ngathi, “Manje, s’thandwa, hlala phansi, ake ngikuchazele okuthize.” Ngathi, “Manje, ngiyazi uyangithanda, futhi uyazi ukuthi ngikuthanda kanjani, nezinhlonipho nokukwazisa. Manje, isibonelo nje, ukuba-ke bengigqokile, ngaya ezansi nedolobha; futhi isifebe esithize esincane, esihle ngempela, futhi sifike bese singigaxa, bese sithi, ‘O, Mfowethu Branham, ngikuthanda ngempela,’ siqale ukungigaxa futhi singigona. Ubungacabangani na?”

Wathi, “Angicabangi ukuthi bengingakuthanda kahle ngempela lokho.”

447 Ngase ngithi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona. Uya...Ubani omthanda ukudlula bonke, ukuba bekungelamanqamu, mina noma iNkosi uJesusu na?” Manje, lowo nje ngumndeni, uxoxa.

448 Wayesethi, “iNkosi uJesusu.” Wathi, “Yebo, Bill, njengoba ngikuthanda kakhulu kangaka, kodwa, ngaphambi kokuba ngiyeke Yona, ngingayeka wena.”

449 Ngathi, “Ngiyabonga, s’thandwa. Ngiyababula ukukuzwa usho lokho manje.” Ngathi, “Manje, ukuba-ke lowo wesifazane omncane ofanayo ubengeniyukela kuJesusu bese eMgaxa, athi, ‘Jesusu, ngiyaKuthanda,’ ubungacabangani ngalokho na?”

Wathi, “Bengingakujabulela lokho.”

450 Niyabo, kushintsha kusuka othandweni lwezithandani ifiliyo kuya othandweni lukaNkulunkulu iagapawo. Niyabo, wuThando oluphakeme kakhulu. Niyabo? Futhi ayikho into okuthiwa yindoda nomfazi, njenge...nokukhulisa abantwana. Konke akusekho, u—ubulili besifazane nesilisa. Izindlala zonke zi...Bonke bayafana, lapho. Niyabo? Akukho okwakho, akusekho. Niyabo, akukho-zindlala zocansi nhlobo, lutho nhlobo. Niyabo? Nje uyi...Yebo, mnumzane. Zicabange wena nje ungenandlala yocansi. Isizathu zokuba zifakwe kithi kungukuba siphinde sigwalise umhlaba, niyabo. Kodwa, Lapho, ayiyikubakhona Lapho. Akuyibakhona ndlala-yowesilisa noma yowesifazane. Qhabo.

451 Kodwa umumo wobungcweti bukaNkulunkulu uyoba lapho. Kunjalo impela. Kodwa siyoba ngaboqobo ngokweqiniso. A—akukho-thando ifiliyo, nhlobo; konke wuthando iagapawo. Niyabo? Ngakho-ke, unkosikazi akayikuba nje ngaphezu kokuthi uyinto ethize encane ethandekayo enge—engeyakho, futhi yena...Ningowomunye nomunye. Ayikho into okuthiwa yi...Qhabo, qhabo, akukho ngisho...Niyabo, ingxenye yefiliyo ayikho ngisho nalapho nhlobo. Niyabo, kungebekho-nto enjengomona; ayikho into ongaba nomona ngayo. Ayikho into

enjalo lapho. Awuyazi neze into enjengaleyo. Niyabo? Futhi nje insizwa nezintombi ezithandekayo, ukuba ziphile.

Bese kuthi-ke, kamuva, wathi, “Sengiyakubona manje, Bill.”

Ngathi, “Ya.”

<sup>452</sup> Ngifuna ukunitshela into encane eyenzekayo. Leli kwakuyiphupho. Ngangilele. Futhi angikaze ngikusho lokhu ngaphambili ngaphambi kwabantu. Ngakusho kubantu abathi ababebabili, kodwa akaze ngaphambi kwabantu ngaphambili, ngokwazi kwami.

<sup>453</sup> Nga—ngaphupha, cishe inyanga emva kwalokho, ukuthi ngangimi, ngoluny’usuku, futhi ngangibukela isikhathi esikhulu esasi... Hhayi ukwahlulelwa, manje. Angikholwa ukuthi iBandla lize lifike kukho, (ngiqonde, uMlobokazi), liya ekwahlulelweni. Kodwa, ngangilapho ngenkathi imiqhele wawunikezelwa, niyabo. Nesikhulu—esikhulukazi isiHlalo sobukhosi sihlezi phezulu *lapha*. NoJesu neNgelosi ebhalayo, nakho konke, yayimi lapho. Futhi kwakunzitebhisi zesitezi, okunjengazo, kwehla *ngapha*, zezinyo lendlovu elimhlophe; zehla, isiyingi, senza izwelonke elibonakala ngasikhathi sinye *kanje*, futhi kwaphuma, ukuze kuthi sonke lesisixuku esikhulu esimi phandle lapho sikwazi ukubona okwakwenzeka.

<sup>454</sup> Futhi ngangima emuva ngale, le emuva eceleni. Futhi nje ngangimi lapho, ngingenawo neze umqondo wokuthi ngangidingeka ngihambe lezozitebhisi. Ngangimi lapho. Ngangibona...

<sup>455</sup> INgelosi ebhalayo yayibiza igama elithize; bese ngazi, ngilikhumbule lelogama. Ngabuka, futhi emuva le phandle lapho, naku kufika umfowethu, ehamba nodade, benyukela kuwe, kanjalo. INgelosi ebhalayo imi lapho eceleni kukaKristu, (iphupho nje manje), futhi ngangibukela. Negama labo lalilapho, lafunyanwa eNcwadini yokuPhila; Yayibabuka ibengame, bese ithi, “Kwaba—kwaba kuhle, nceku yaMi enhle nethembekile. Manje ngena phakathi.”

<sup>456</sup> Ngabuka emuva, lapho ababeya khona. Kwakukhona izwe elisha, nezintokozo. Yayisithi, “Ngena ezintokozweni zeNkosi, e—ebingeyakho selokhu kwasekelwa izwe.” Niyabo? Futhi, o, ngacabanga... Babehamba bedlule lapho, futhi babonane, futhi nje bethokoza, futhi benqamula izintaba nezindawo ezinkulukazi.

<sup>457</sup> Kodwa ngacabanga, “O, lokho akumangalisi yini! Udumo! Haleluya!” Nje ngigxuma phansi-phezulu!

<sup>458</sup> Bese-ke ngizwa elinye igama libizwa. Ngicabange, “O, ngiyamazi. Ngiyamazi. Ngi... Lapho, nango ehamba, lapho.” Ngimbukele kanjalo.

“Ngena ezintokozweni zeNkosi, yaMi enhle ne... ”

“O,” ngithi, “akadunyiswe uNkulunkulu! Akadunyiswe uNkulunkulu!”

Ngithi nje, isibonelo nje, njengokungathi bathi, “Orman Neville,” niyabo.

459 Bese-ke ngithi, “Lowo nguMfowethu Neville omdala. Nango.” Niyabo? Futhi nangu eza, ephuma esixukwini, uyenyuca.

460 Manje Uthi, “Ngena ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe wena selokhu kwaba phambi kokusekelwa kwezwe. Ngena phakathi.” NoMfowethu Neville omdala avele aguquke, futhi nje aqale emuva phakathi lapho, nje edazuluka futhi empompoloza.

461 Mfana, ngivele ngimemeze bese ngithi, “Udumo kuNkulunkulu!” Ngimi ngapha ngedwa, nginesikhathi esimnandi, ngibukela abazalwane bami bengena.

462 NeNgelosi ebhalayo yama lapho, yayisithi, “William Branham.”

463 Angizange ngicabange ukuthi ngangiyohamba kulokho. Ngakho manje-ke ngangesaba. Ngacabanga, “O, he! Ngabe ngizodingeka ngenze lokho na?” Ngakho ngahamba ngihamba ngezinyawo ngehlela lapho. Futhi nje wonke umuntu engimbambatha e—e... [UMfowethu Branham ufanekisa ngokuzimbambatha yena uqobo kaningi—Umhl.] “Yebo, Mfowethu Branham! UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham!” Bengimbambatha lapho ngihamba, ngedlula esixukwini esikhulukazi sabantu. Nabo bonke befinyelela futhi bengimbambatha kanjalo. [UMfowethu Branham ufanekisa ngokuzimbambatha yena uqobo kaningi.] “UNkulunkulu akubusise, mfowethu! UNkulunkulu akubusise, mfowethu!”

464 Ngangihamba. Ngathi, “Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga.” Njengokuphuma emhlanganweni, noma into ethize, niyazi.

465 Futhi ngangizodingeka ngihambe lezizitebhisi ezinkulukazi zamazinyo endlovu. Ngaqala ukuhamba ngenyukele lapho. Futhi lapho nje ngenza isitebhisi sokuqala, ngama. Ngase ngicabanga... NgaMbuka ebusweni. Ngacabanga, “Ngifuna ukuMbuka kahle ngapha.” Ngase ngima.

466 Izandla zami zazikanje. Ngezwa into ethize ithi nyelele engalweni yami *lapha*. Kwakuyingalo yomuny’umuntu. Ngaqalaza, futhi nakho kumi uHope; lawomehlo amnyama amakhulu, nalezozinwele ezinsundu zilenga zehla zayoshaya emhlane wakhe, embethe ingubo ende emhlophe; engibuka phezulu kanjalo. Ngathi, “Hope!”

467 Ngezwa into ethize ishaya lengalo. Ngaqalaza, futhi kwakukhona uMeda; lawomehlo ansundu ebuka phezulu, nalezozinwele ezimnyama zilenga zibheke phansi, embethe ingubo ende emhlophe. Ngase ngithi, “Meda!”

468 Base bebukana, niyazi, kanjalo. Babe...Nginabo basezingalweni zami, nakhu sahamba, siya eKhaya.

469 Ngaphaphama. O, ngaphaphama. Futhi nga—ngavuka ngase ngihlala phansi esihlalweni, ngase ngikhala, niyazi. Ngacabanga, “O Nkulunkulu, ngithemba ukuthi lokho kuza kanjalo.” Bobabili bexhumene nami empilweni, futhi bezala abantwana, nezinto ezinjalo; futhi nakhu lapho esikhona, sihamba siyongena ezweni elisha, o, he, lapho kungukuphelela nayoyonke into. Qhabo, lutho. . .

470 O, kuzoba yinto emangalisayo! Ningayigeji. Ningayigeji. Ngomusa kaNkulunkulu, yenzani konke eningakwenza, nalokho kuyoba kuNkulunkulu ukukunakekela konke okwakho-ke.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
Ngoba Wang'thanda kuqala  
Wang'thengel'insindiso  
KowaseKalvari. . .

471 Asilicule futhi, ngayo yonke inhliziyo yethu. Manje siphakamisele amehlo ethu kuNkulunkulu.

Ng'yaMthanda

472 [UMfowethu Branham ushiya ipulpiti futhi ukhulekela owesifazane, lapho ibandla liphinda licula elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

. . .Mthanda  
Ngoba Wang'thanda kuqala  
Wang'thengel'insindiso  
Emthini waseKalvari.

473 Kulungile, manje. Ubengalindelekile ukuba aphile kuze kuphele umhlangano. Kunjalo. Nango, zombili izandla ziphezulu emoyeni, futhi edumisa uNkulunkulu. Yingalesosizathu bengilibele lapha isikhathi eside; nginganitsheli ukuthi ngenzani. Bengikhuluma ngoMeda nabo. Nokuthi bengibukela, ukubona ukuthi yini. . .Bengilokhu ngiqaphela lokho kuKhanya kushaya indingilizi kuya emuva naphambili, kwase kuhamba futhi kwalenga phezu kwakhe. Ngacabanga, “Yilokho-ke.” O, akumangalisi na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
Ngoba Wang'thanda kuqala  
Wang'thengel'insindiso  
Emthini waseKalvari.

474 Manje, nezinhliziyo zethu, [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] cabangani ngobubele baKhe nje nesihawu.

. . .Ng'yaMthanda (Amen!)  
. . .Wathanda kuqala. . .

<sup>475</sup> Manje niyabona ukuthi kungcono kakhulu kangakanani na? Amen! Yilokho-ke. Manje...?...Hambani niphile. Amen! Umusa kaNkulunkulu ubonakele kini, ukuniphilisa. Amen.


. . . eMthini waseKalvari.

O, udumo kuNkulunkulu!

Ng'yaMthanda, . . .

Kulungile, umelusi wenu.

Ng . . .

<sup>476</sup> [Omunye uthi, “Mfowethu Branham, kusasa kuqala ligamenxe elesishiyagalolunye na?”—Umhl.] Ngelesishiyagalolunye kuya ligamenxe elesishiyagalolunye. Ngelesishiyagalolunye nqo, ndawondawo phakathi lapho. [“Emva kokudla kwasekuseni na? Elesishiyagalolunye nqo na?”] Qalani ngelesishiyagalolunye. Ngizoqala ligamenxe elesishiyagalolunye. 



*ISAMBULO SE ZIMPAWU EZIYISIKHOMBISA*  
(The Revelation Of The Seven Seals)

LemiLayezo eyishumi ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi ngoMashi 17 kwaze kwayoba nguMashi 24, 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., noPhawu lwesiKhombisa lwaqhubeka ngoMashi 25 eSherwood Motel. Ngokuthola acace kakhulu naphелеle kakhulu amateyipu asekuqaleni, lemiLayezo iphinde yenziwa ngokwesimo samanje. Kwenziwe yonke imizamo ukwedlulisa ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka eziqophweni zeteyipu kazibuthe uya ekhasini elishicilelwe. Lokhu kuhunyushwa kwesiZulu okungafinqiwe kushicilelwe ngabe Voice of God Recordings.

Onke amalungelo kulencwadi agodliwe. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ishicilelwe, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume eshiwoyo ebhaliwe ye William Branham Evangelistic Association.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)